# *Amaqiniso Angahluleki KaNkulunkulu Ophilayo*

EBreeding, eKentucky; kufanele ngibe lapho ngehora lesibili nqo enkonzweni yomngcwabo, ukungcwaba u. . . uHenry Branham, ongumzala wami, umkakhe efile. Nesicelo sakhe sokugcina, esokuthi ngibe nenkonzo yomngcwabo wakhe. Futhi lokho kuseBreeding, eKentucky. Lokho cishe kungamamayela ayikhulu namashumi amahlanu noma amashumi ayisithupha, ngiqagele, phansi, noma into efana naleyo, ezansi eningizimu. Futhi ngizofanele ngihambe kusenesikhathi, ngenxa yokufika ezansi lapho.

2 Bese kuthi-ke siyabuya-ke kulobubusuku, futhi sihambe kusasa ntambama. Si. . .Ngifanele ngibe seTulsa ngeviki elizayo, eTulsa, e-Oklahoma. Kepha ngeke ngikwazi ukuya ngaphambi koLwesibili, ukuya eTulsa. Bese-ke sibuya ngoMgqibelo ebusuku, singene ngoMgqibelo ebusuku.

3 Bese kuthi-ke ngeSonto ekuseni, ngeSonto elizayo ekuseni, cishe ngelesithathu nqo, sisuka siye eNtshonalanga, bese-ke ngeke sisabuya kuze kube yilekwindla, lapho ngibuya ngizothatha umndeni wami nezinto; futhi sizobuya ngesinye isikhathi kulekwindla, iNkosi ithanda. Futhi impela ngifuna ukucela ibandla lingikhulekele.

4 Futhi bengifuna ukubona ukuthi ngingangena yini. Ake sibone, lokhu ngeke kube ubusuku besidlo, noma kuzoba yibo na? [UMfowethu Neville uthi, "Qhabo."—Umhl.] Qhabo. Bengilapha ngobusuku bokugcina besidlo. Kepha angibuyelanga i. . .Ngeke ngibe lapha ngesikhathi ngalesi sidlo. Kuzoba ngeSonto elizayo ebusuku, ["Yebo."] kuzoba yisidlo na? Ngihlala ngithanda ukuhambisana nalokho, niyabo. Njalo, njengoba udla futhi uphuza lokhu, ukhombisa ukufa kweNkosi Ize ibuye.

5 [UMfowethu Neville uthi, "Mfowethu Branham?"—Umhl.] Yebo. ["Ngabe uzokumemezela lokho, usuku lokuzalwa lukaDadewethu Edith, sizoba nombuthano omncane ezansi lapho ngoLwesihlanu olulandelayo ebusuku."] Awu, lokho kulungile kakhulu. UDadewethu Edith Wright unosuku olulodwa esemncane. Futhi yena. . .Bazoba nombuthano omncane ezansi endlini yakhe ngoLwesihlanu oluzayo ebusuku. Awu, kuhle kanjani! Kulungile. Ingabe umphakathi umenyiwe na? ["Noma ngubani."] Umphakathi umenyiwe osukwini lokuzalwa lukaDadewethu Edith luka. . .Uzoba cishe neshumi nesishiyagalombili; ngabe kunjalo, Dadewethu Edith na?

6 Cishe njengoba ngishilo ngelinye ilanga, ngathi, "Uyazi, sengidlulile nje emashumini amabili nanhlanu."

Nomfo waqalaza, wathi, "Ya?"

7 Ngathi, "Esikhathini sami sesibili."

8 [Omunye uthi, "Mfowethu Branham!"—Umhl.] Nini? Uzoba namashumi amathathu nesishiyagalolunye. He, lokho kubonakala kungenakwenzeka, akunjalo na? Amashumi amathathu nesishiyagalolunye. Ngihlala njalo ngibhekisa kuye njengentombazanyana nje, niyazi, ngoba ngenkathi ngiqala ukwazi u-Edith, ngicabanga ukuthi ngu. . .Edith, ake sibone, sengikwaze, ngiqagele, cishe iminyaka engamashumi amabili nento manje, ngiqagele, iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, mhlawumbe amashumi amabili nesishiyagalombili.

9 Niyabo, kade ngishumayela cishe iminyaka engamashumi amathathu nanye, ngiyacabanga, ngakho-ke ngiqagele ukuthi benginazi ngokushesha nje emva kokuba ngiqale ukushumayela, umndeni wakwaWright. Ngakho-ke, ngibonga kakhulu ukuthi ngangibazi labo bantu. Impela babe ugqozi empilweni yami.

10 Futhi uma umndeni wakwaWright ubungadlulela ePhakadeni, futhi bengisaphila, bengingeke ngidlule kuleyo ndawo ngaphandle kokukhumula isigqoko sami, ukucabanga ngezinto ezinkulu uNkulunkulu azenzile kulelogquma lapho! O, he! Yilapho, o, konke kwenzeka nje ezansi lapho. Futhi ngibonile lapho, kwenzeka, kweNgelosi yeNkosi ivakashela uGeorgie Carter. Ukuthatha indawo lapho Angiholela khona egqumeni ngalobo busuku, ngezinto zentandela enobuthi. Wase-ke Ehlangana nami laphaya futhi embonweni, futhi wakhanya phansi ezihlahleni zedogwood. Bona. . .O, he, sekwenzeke nje izinto eziningi.

11 UMfowethu Wright elele lapho esikhathini sokufa, lapho bonke odokotela base bedlulile. Namalungu ebandla lakhe ezansi lapho, emtshela, "Hamba ulande umphulukisi ngokukaNkulunkulu wakho manje."

12 Mina ngihleli phezulu egqumeni, ngikhala izinsuku ezine, ngimkhulekela. INkosi yakhuluma umbono, yathi, "Hamba umtshele ISHO KANJE INKOSI. Uzongcwaba umfo ohlekisa ngaye." Futhi wakwenza. Kulungile. Futhi zonke izinto ezikhona.

13 Bese kuthi-ke lapho uMoya oNgcwele, ngokokuqala ngqa emlandweni we—weBandla, engake ngakubona kufezeka, ngenkathi Wayekhulume nge. . .lezo zingwejeje zikhona. Kanti futhi, wanika uDadewethu Hattie noma yini ayefuna ukuyicela, kungakhathaleki ukuthi kwakuyini, imali noma yini enye, wathi, "Izobekwa ethangeni lakho khona manje." Wacelela imiphefumulo yabafana bakhe ababili. Futhi uNkulunkulu wamnika yona. Futhi ziningi nje izinto ezenzekile ezansi lapho egqumeni. UNkulunkulu ababusise, ngumkhuleko wami.

14 Sithi, uSharon Rose omncane uyagula lapha, uSharon Rose Daulton omncane. Uphi uSharon Rose na? U . . . Usanda kuphuma nje. E-hhe. Kulungile, siyahamba . . .

15 [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Uthini? [Umfowethu uyakhuluma futhi] Awu, uyazi ukuthini, ake sibakhulekele manje.

16 Isizathu, ngizokutshela okufanele ngikwenze. Ngokushesha nje lapho sengikwazi ukudlula, ngifuna ukufika, ngifanele ngehlele ezansi eKentucky. Futhi ngine . . . Awu, uma kungamamayela ayikhulu namashumi amahlanu, angazi. YiBreeding, eKentucky. Anginamqondo nakancane ukuthi kukude kangakanani. Yehla njalo ezansi ngasemgwaqweni ophendukayo, bese kuthi-ke ngebanga elifanayo, noma ibanga eliphambidlana futhi, uqhubekele phambili, wehle ngasendaweni kaMfowethu Beeler, futhi udlule kulelo dolobha, nakwelinye idolobha, nakwelinye idolobha, nakwelinye idolobha, kuye ebandleni elincane elakhiwa umkhulu wami ibandla elincane leMethodisti engishumayele kulo amashumi amabili-nanhlanu, iminyaka engamashumi amathathu edlule.

17 Futhi lelinenekazi lizongcwatshelwa lapho. Belingumhlengikazi. Futhi life ngokuzuma, futhi isicelo salo sokugcina sasi—sasingukuthi ngishumayele emngcwabeni walo. Bese kuthi-ke abanye babantu bakithi benyukile izolo futhi babuza ukuthi ngizoya yini ukuyokwenza, futhi a—angikwazanga nje ukukwenqaba; yena ehlezi lapho ekhala, ethi, "Yisicelo sakhe sokugcina." Ngakho-ke bekunzima, niyazi. Futhi ngivele ngathi, "Awu, ngifuna ukwehlela ebandleni, futhi ngifuna ukubona abahlobo lapho, bese-ke ngithatha lokho, futhi." Ngakho-ke, ngifanele nje ngithi ukuphuthuma ukukuthola, ngakho niyaqonda.

18 Manje ngenkathi bethola, ngiyakholwa, uMfowethu Daulton . . . [Omunye uthi ingane i "biye endlini yangasese."—Umhl.] O, awu, lokho kulungile. Lokho nje, sizolinda umzuzu nje kuze kube . . .

19 Lethani uJanice omncane phezulu lapha. Futhi noma ngubani omunye ofuna ukuza futhi akhulekelwe, lokho kulungile. Futhi si . . .

20 Unjani, Janice? He, nanti—nanti inenekazi elihle. Woza lapha. Isizathu sokuthi abemuhle kangaka, lona umntwana kadadewethu. Futhi ngifuna ukubuyela *lapha* ukuze abantu bengangizwa, ukuthi ngithini. Manje, lesi sithandwa esincane, sinomama ophilile nobaba ophilile, kepha kukhona okwenzekile kulomntwana. Ubuthakathaka, ubuthakathaka ngempela, mncane futhi uzacile. Enomoya omuhle ngakho konke angakwazi; futhi, kusobala, niyazi bengingacabanga kanjalo. Kodwa kukhona okuhlale kungahambi kahle ngalomntwana. USathane uzama ukuthatha umntwana. Futhi

mhlawumbe uNkulunkulu unesandla saKhe emntwaneni, niyabo. Singabhekisisa, lapho ubona uSathane esebenza. Lokho nje, bhekisisani, kukhona okuthize okulele lapho ndawo ndawo. Manje usegule izinsuku ezimbalwa.

21 Angiphumelanga lapho, ngoba bengingazi ukuthi useluleme noma qhabo. Kwakudingeka ngiye eFlorida nangakhona.

22 Futhi, kepha uvukwa umkhuhlane. Akunjalo lokho, sisi na? Yena, unomkhuhlane owesabekayo oza phezu kwakhe, futhi cishe ube yikhulu futhi [Omunye uthi, "Ntathu."—Umhl.] Ikhulu nantathu, lokho kwenza amazinga amahlanu omkhuhlane. Odokotela abazi ukuthi kuyini. Futhi bacabanga ukuthi imfiva yofehlane. Uma kungaba imfiva yofehlane, lokho kungahle kushiye inhliziyo yakhe isesimeni esibi kabi, njengoba umalume wakhe afa ngakho. Kodwa ngizobiza impilo yalomntwana ngoJesu Kristu, niyabo.

23 Futhi niyamazi uDavide, njengoba ngishilo kanye ngaphambili, lapha. UDavide wathi kuSawule, wathi... USawule wayefuna ukumnika izikhali nomkhonto, ukulwa noGoliyathi, isiqhwaga. Wathi, "A—a—angazi lutho ngalezo zinto," wathi, "kodwa ake ngibe nalendwayimane, engiyifakazisile, niyabo." Futhi wathi, "Ingonyama iyeza, yathola enye yezimvu zikababa. Futhi ngayilandela, ngalendwayimane, futhi ngayithola. Futhi ngabuyisa imvu."

24 Manje, lezi yizimvu, futhi, amawundlu nezimvu, izimvu zikaNkulunkulu. Manje ake sizilandele namhlanje ekuseni, njengeBandla likaNkulunkulu, ukuzibuyisa. Manje udokotela akasazi ukuthi enzeni ngomntwana.

25 Futhi ngicabanga ukuthi intombazanyana kaMfowethu Ed, nayo, inohlobo oluthile lwesimo sesifo somoya esithe ukuthuthuka noma okuthize.

26 Awu, ngiyakholwa ukuthi uJesu washo lokhu, "Ngikunika izihluthulelo zoMbuso. Noma yini oyibophayo emhlabeni, iyakuboshwa eZulwini. Lokho okukhulula emhlabeni, kuyokhululwa eZulwini." Siyakukholwa lokho, ngayo yonke inhliziyo yethu. Manje, uNkulunkulu usinika ukukholwa ukukukholwa ngenhliziyo yethu yonke, njengoba sikhuleka.

27 Baba wethu waseZulwini, ngiphethe lapha le mbali encane entekenteke yomndeni wakwaWeber, enomoya omuhle, ethambile, entekenteke. Futhi odokotela, bathembekile; bazama ngakho konke abaziyo ukuthi kanjani, ukuzama ukuthola ukuthi yini inkinga ngomntwana, kodwa abakwazi ukukwenza. Futhi ngibambe isandla sakhe, futhi angikholwa ukuthi unanoma iyiphi imfiva yofehlane. Ngiyakholwa, uma bekunjalo, Ubuzongitshela. Ngikholwa ukuthi uSathane uzama ukuphazamisa impilo yalomntwana. Futhi siyambiza namhlanje ekuseni, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu.

28 Wena sitha sempilo yomuntu, wena sitha sikaNkulunkulu uSomandla, ngiza esikhundleni salomntwana, ukukuxosha kuye. NgeGama likaJesu Kristu, shiya lomntwanyana. Ungahle ukwazi ukuphunyuka kudokotela, kepha awukwazi ukuphunyuka kuNkulunkulu. Lo mkhuleko wokukholwa uqonde ngqo, eGameni leNkosi uJesu, ukukushaya emzimbeni walomntwana. Futhi Kuzoshaya leyo ndawo ebalulekile lapho ufihlwe khona, futhi uyokwembulwa futhi ukhishwe. Futhi umntwana uyakuphila futhi asinde, ngokuba simethula eGameni likaJesu Kristu, ngokuphulikiswa kwakhe. Amen.

29 Delores, angizikhathazi ngechashazi elilodwa ngakho. Yebo. UJanice uzoba kahle, futhi yilokho kuphela.

30 Bese-ke sinoDaulton omncane lapha. Abanjalo s'thandwa! Into encane enomoya omuhle kanje pho! He, usinda kabi kabi! [UMfowethu Branham uyahleka—Umhl.] Akusona yini leso sithandwa esincane, intombazane encane yangempela ebukeka ingum-Irish enamehlo aluhlaza sasibhakabhaka nezinwele ezimnyama. Futhi uyandonda nje, amaphaphu akhe amancane nakho konke. Waba nesifuba somoya, kanjalo, emphinjeni wakhe.

31 O Nkosi, kwangena ibhubesi nebhere, kwasho uDavide, kwase kuthola amawundlu kababa, futhi wawalandela, futhi wakwazi ukunqoba lelo bhubesi nalelo bhere. Futhi siza namhlanje ekuseni njengamakholwa (njengoba uDavide wayenjalo) kuNkulunkulu weZulu, Owenzile amaZulu nomhlaba, ozele lomntwana, eGameni likaJesu Kristu.

32 Futhi, Sathane, wena ohluphe lomntwana, uzofanele umkhulule, ngokuba siyakuyala ukuthi uyekele umntwana ahambe, ukuze azosinda. Ngiyakukhuza, Sathane, futhi ngikuyala ngokuvuka kukaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, Onqobe wena, futhi onke amandla akho onakalisiwe. Futhi awunawo amandla. Futhi ngiyakunqoba, ngokukholwa eGameni likaJesu Kristu, OyiNdodana kaNkulunkulu, Owasiyala ngaleliVangeli, ukuthi eGameni laKhe sifanele sikukhiphe; kungukuthunywa okunikezwe nguKristu. Uzomshiya. Ngokuba, siyakuyala, eGameni likaJesu Kristu, ukuba ushiye umntwana. Futhi uzosinda.

33 Manje ungangabazi nakancane, Dadewethu Daulton. Ungabe usakhathazeka. UNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula.

34 Ubani lomfo omncane na? [Omunye uthi, "Lisa Wilson. Unesimila."—Umhl.] O, isimila ngaphezu kweso lakhe. Manje usecishe abe yinenekazi eliselincane impela. Angazi noma ngingamphakamisa yini noma qhabo. Kepha muhle kabi. Igama lakhe nguWilson. Lela, Lela? ["Lisa."] Lisa Wilson. Akayona into encane enhle na? Unesimila ngaphezu kweso lakhe. Awu, uJesu uphulukisa izimila, Akaziphulukisa na? ["Impela uyakwenza!"]

Uzodingeka afe. ["Akusiso isimila na?"] Awu, yi—yithumba elinamafuthanyana nje, alibambelele, alinampande . . .?. . . ["Liyakhula manje, noma kunjalo."] Asikhuleke.

35 O Nkosi, siletha lesi sithandwa esincane kuWe, eGameni leNkosi uJesu, futhi sisibambile, njengomntwana ongenacala, eBukhoneni bukaNkulunkulu. Futhi udeveli wenze lobu bubi kuye, futhi ubengakhipha iso lakhe, ngalo, uma engakwazi, kodwa Wena ungaphezu kokulingana naye.

36 Siyakuyala, Sathane, ngegama likaJesu Kristu, Onqobe phezu kwakho nazo zonke izinhlupho zakho ozibeke kubantu. Siyakuyala, eGameni laKhe, ngokuthunywa okunikezwe yiNgelosi ethunywe nguNkulunkulu, ukuthi usuke kulo mntwana, futhi alulame, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

37 Busiswa Lisa omncane. Bengingengabaze nakancane, futhi. Kholwa nje ukuthi kuzolunga.

38 Kulungile, Dadewethu Bruce. Manje wena, uma uthanda, laba besifazane abemi lapha, uJoyce, khuphukela kancane eduze lapha, ukuze abantu bakwazi ukungena. Mfowethu Neville, woza, uma uthanda, futhi ubagcobe ngamafutha.

[UMfowethu Neville ugcoba abantu ngamafutha, futhi uthi, "EGameni likaJesu. Haleluya!"—Umhl.]

[Udade uthi, "Ngingathanda ukuma esikhundleni sendodakazi yami."—Umhl.] Esikhundleni sendodakazi yakho. ["*Leyo* ntombazane imi endaweni yomshana wami."] Esikhundleni somshana wakho. Umshana; indodakazi.

Futhi ubani owakho, dadewethu na? [Udade uthi, "Indodana yami, . . .?. . . inikelwe kuNkulunkulu."—Umhl.]

Lezi zitatimende zaziwa ngabantu.

39 Isizathu, udadewethu *lapha* ukhubazekile, ngiyakubona lokho. Yisifo samathambo, yikho, dadewethu na? [Omunye uthi, "Inqulu ephukile, futhi waba nonhlangothi."—Umhl.] Inqulu ephukile, futhi waba nohlangothi.

40 *Leli* nenekazi lapha linengcindezi ngemuva kwekhanda lalo, njengesandla somuntu olicindezelayo.

41 UDadewethu Bruce ulimaze umlenze wakhe, kanti futhi u . . . [UDadewethu Bruce ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Usesesibhedlela. ["Ngikhishiwe . . .?. . . "] Uwile noma okuthile na? ["Ngashaywa izitebhisi ezizihambelayo . . .?. . . "] Lowo ngomunye wodadewethu lapha ebandleni. Ushayiswe ngezitebhisi ezizihambelayo, futhi usesibhedlela ngempela. Ngabe uphukile na? [UDadewethu Bruce uyaphendula.] O, abaholi nemithambo yegazi, kanjalonjalo. Bese-ke, umele abanye, abathandekayo abathile.

42 Futhi lamanenekazi amathathu lapha amele abathandiweyo, ngakho-ke sizokwazi manje uma sesikhuleka. Manje asikhothamise amakhanda ethu, wonke umuntu.

43 O Nkosi Jesu, lezi zicelo zenziwe zaziwa. Futhi iBhayibheli lithe, “Yenzani izicelo zenu zaziwe ebandleni labangcwele.” Naba labo abakhulekela abathandiweyo, abanye abagula kakhulu, abanye abagula ngengqondo, abaphika ukuthi kukhona uNkulunkulu ophilayo, futhi, ezinye izimo. Kukhona udadewethu lapha onomlenze obhinyikile osesimweni esibucayi, usanda kusuka esibhedlela lapha, namhlanje ekuseni. Udade onengcindezi enjalo ngemuva kwekhanda lakhe. Nodade ophuke inqulu nonhlangothi. Bonke balapha, Nkosi. Bethula izicelo zabo, futhi bami phambi kwe-altare likaNkulunkulu; ngamafutha okugcoba acwebezela emakhanda abo, amelele uMoya oNgcwele. Ngimi ngobulula bolwazi enginalo ngoJesu Kristu neZwi laKhe, futhi ngicelela ngamunye wabo.

44 Nkulunkulu, njengoba ngibeka izandla zami phezu kwabo, kwangathi izicelo zabo zinganikwa bona. Siphe khona, O Nkulunkulu, eGameni likaJesu. Kwangathi kungaba njalo, Baba, ngoDadewethu uGertie, eGameni likaJesu. Kanti futhi ngoDadewethu Bruce, Nkosi, makube njalo, isicelo sakhe, idolo lakhe nezitho zakhe zomzimba. Kudadewethu onesimo ngemuva kwekhanda lakhe; kwangathi kungaba njalo, Nkosi, eGameni likaJesu, futhi uzokhululwa kukho. Sengathi uSathane angasusa izandla zakhe ngemuva kwentamo yakhe. Siphe khona. Futhi udadewethu okhubazekile ngokobili, waba nonhlangothi, futhi waphuka inqulu.

45 Nkosi, okunye kwalokhu kungabonakala kukuncane kakhulu, futhi okunye kwakho kukukhulu kakhulu, kepha akukho nokukodwa okuncane kakhulu noma okungekho kukhulu kakhulu kuWe. UnguNkulunkulu, phezu kwakho konke. Futhi ngiyakhuleka futhi ngibakhulula ngomkhuleko wokukholwa, ngamunye wabo; Nkosi, njengenceku yaKho, ukuphula amandla o—okungabaza noma yini engaphezu kwawo. Ngibanikeza ukukhululwa kwabo, eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi ngamunye wabo angathola ngqo lokho abakucelile. Futhi njengoba leli bandla, ubunye boMzimba waKho, emkhulekweni manje, sibakhulula ngeGama likaJesu Kristu. Sengathi banga Kwemukela manje, ngenxa yenkazimulo yaKho. Amen.

46 UNkulunkulu anibusise ngamunye, manje Kwemukeleni. Hambani, nemukele ukuphulukiswa kwenu nesibusiso.

47 Manje akukho kungabaza ezingqondweni zethu. Kukhona na? Akukho kungabaza okukodwa. UNkulunkulu uzokwenza na? Niyakukholwa, wonke umuntu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UNkulunkulu uzokwenza. Njalo. . . Akazukushiya noma yini ingenziwanga, Uzokwenza ngqo lokho esiMcele ukuba akwenze. Isizathu, Angeke enze lutho olunye futhi ahlale enguNkulunkulu, niyabo. Uma singangabazi, Uzosipha khona.

48 Manje ungakhohlwa ukukhulekela umuntu owudinga ngempela umkhuleko. Nonke niyazi ukuthi ngubani lowo na? Yimi. Ya, yimi odinga umkhuleko. Ngimi esikhaleni manje, futhi ngiqhubeka nochungechunge olude olukhulu lwemihlangano, kuyo yonke iCalifornia, i-Oregon, iWashington, namaphethelo e-Oklahoma nezindawo ezahlukahlukene. Abantu bazobe bephuma eCanada, nakho konke. Futhi ngifanele ngime esikhaleni, ngokwehluka kwabefundisi nemibono, namandla kadeveli; futhi ukuphela, isikhathi sokuphela sisondela.

49 Futhi omunye nje uthe ngolunye usuku, ekhuphukela endlini yami. Kwakuyi—yinenekazi, landiza lisuka eJalimane, futhi omunye umuntu weza evela ekuthini-thini, wathi iNkosi yabatshela ukuba beze, futhi bona, *lokhu, lokho, okunye*. Futhi omunye weza ngaphesheya komgwaqo, wathi, "Ukumela kanjani na?" Niyabo?

Ngathi, "O, kungumusa waKhe." Amen.

50 Ngibe-ke sengifanele ngigxumele ngqo endizeni, ngindize ubusuku bonke ngiye eCalifornia noma e-Arizona, noma, eFlorida. Ngibuye, futhi bengena esivunguvungwini. Udeveli wazama ukusiwisa, niyazi. NeNkosi yasingenisa. Kwathi-ke ngakusasa ekuseni, izolo, bengifanele ngishiye ngiye eBakersfield, eCalifornia, odabeni oluphuthumayi lomfundisi. Futhi kuvele nje . . . Angikwazanga ukukwenza nje, yilokho kuphela. Futhi, uyabo, bese-ke ufika ko*kunye*, bese a—awazi ukuthi uye kuphi ukusuka lapho, uyabo. Ngukuthi, nansi *lena*, *lena*, *lena*, *lena*, *lena*, uyazi ukuthi ngiqonde ukuthini; futhi-ke, yiphi na? Futhi kuzwisa ubuhlungu abanye uma ungakwenzi, uma ungababoni bonke, uyabo. Futhi awukwazi ukubabona bonke. Ngakho-ke kufanele ulinde futhi, ngendlela ozizwela uholwa ngayo, bese-ke uvele uhambe.

51 Bengifuna ukusho ukuncoma okuhle ngomelusi wethu. Esibhedlela, izolo ebusuku, ngodaba oluphuthumayo, ngishayele uMfowethu Wood noCharlie kanye nabo, bekusebusuku kakhulu. Inenekazi elifayo ebelilele, lifa, odadewabo kanye nabo bebelapho. Futhi laseliqulekile isikhashana, lavuka futhi lemukela iNkosi uJesu. Ngifanele ngihole enye indoda ngiyise eNkosini uJesu, ezansi lapho eFlorida, isoni. Futhi onke amahora obusuku, nayo yonke into, odabeni oluphuthumayo, u—ufanele ulandele umfundisi ngesinye isikhathi ukwazi. Futhi ngizwe ukuphawula okuhle kunakho konke esibhedlela, mayelana nomelusi wethu lapho ephuma lapho, ukuthi ubavakashela kanjani abantu futhi akhulekele abagulayo, futhi athembeke emsebenzini awumiselwe. Ngi—ngikuthakasela kakhulu lokho, ngokuba phezu kwalomhlambi omncane, inceku yeNkosi, ethembekile emsebenzini ewumiselwe. Anikuthakaseli . . . Niyamthakasela, impela niyamthakasela, kodwa thina . . . Kukhona nje enye

indlela esingakuzwakalisa ngayo kakhulu, niyabo, encekwini yeNkosi ethembekile.

52 Omunye wangibuza kungekudala, eChautauqua, umhlangano wethu wokugcina, "Mfowethu Branham, uqhubeka kanjani kanjalo na?"

53 Ngase ngithi, "Nangu uGene Goad, uPat Tyler, nesigejane sonke sabo njengalaba bafo lapha, ngenkathi ngikomunye waleyo mihlangano; balale ngobuso babo, futhi bazile ukudla izinsuku futhi bangadli nokudla, futhi bekhuleka nayo yonke into, benzela mina." Yilokho okungiqhubela phambili. Niyabo? Lawo amandla okuqina. Usizo lwabo luvela eNkosini. Mfowethu Daulton, o, iningi nje labo, labangane abazila ukudla nje futhi bakhuleke, benqabe ukudla kwabo nezinto, nokuzila ukudla futhi, bekhuleka.

54 Manje uma uMfowethu Gene, emuva ngemuva, ekulungele ukuqopha, manje ngizokwenza. UMfowethu Neville uzoqhubeka nezinkonzo ngemuva nje kwesikhashana. Ngifuna ukukhuluma isikhashana nje.

55 Futhi manje uma kungenzeka ngingabuya, Edith, s'thandwa, ukuzwa iphathi yakho yosuku lokuzalwa ingoLwesihlanu ebusuku; uma ngingabuya e-Oklahoma ngesikhathi, ngiyobe ngisezansi, niyabo, ngoLwesihlanu ebusuku, uma ngingakwazi.

56 Futhi manje ngenkathi sisahambile, nonke nisikhulekele. Futhi ku—kushiwo eBhayibhelini, "INkosi ibheke phakathi kwami nawe, niyabo, ngenkathi sisehlukene." Futhi kwangathi Ingakwenza lokho, futhi inivikele futhi inibusise, futhi ingivikele futhi ingibusise, futhi isisize sobabili ukuba siphile okukwedlula konke esingakwenzela inkonzo yaYo, size sibonane futhi. Futhi ngizoncika emikhulekweni yenu ngenkathi ngisensimini phandle ngaleya, ukubhekana nesitha. Ngakhoke, nisikhulekele. Nonke nina bazalwane abakhonzisayo, uMfowethu Humes noMfowethu Beeler, nabanye abaningi kakhulu benu lapha, ngikhulekeleni. Niyaqonda.

57 Manje sifuna ukuphenya eNcwadini kaJohane oNgcwele, isahluko se 4. Futhi ngifuna ukukhuluma kulokhu ukusa, iNkosi ithanda, ngendaba ebizwa ngokuthi: *Amaqiniso Angahluleki KaNkulunkulu Ophilayo*.

58 Ngifuna ukufunda kusukela evesini le 14, okubandakanya ele 23, kukaJohane oNgcwele isahluko se 4. Sesingena engxoxweni manje, ngoJesu ekhuluma nowesifazane emthonjeni. UJohane oNgcwele, isahluko se 4, ivesi le 14, kubandakanywa nelama 23.

> *Kepha lowo ophuza amanzi engiyakumnika wona kasayikoma naphakade; kepha amanzi engiyakumnika wona, phakathi kwakhe, ayakuba ngumthombo wamanzi ophuphumayo kube ngukuphila okuphakade.*

59 Manje igama lapho empeleni alikho *ngunaphakade*, uzobona umaki omncane kulo uma liphakathi, uma uneBhayibheli iKing James. Kwelasekuqaleni, kuthi, "ekuPhileni okuPhakade." *Okungunaphakade* yisikhashana nje. *Phakade* okungunaphakade.

> . . .*phuphumayo* kube ngukuPhila okuPhakade.
>
> *Owesifazane* wathi *kuye, Mnumzane, ngiphe lawo manzi, ukuba ngingomi, ngingabe ngiseza ukukha lapha.*
>
> *UJesu* wathi *kuye: Hamba, ubize indoda yakho, uze lapha.*
>
> *Owesifazane waphendula wathi, Anginandoda. UJesu wathi kuye, Usho kahle ukuthi, Anginandoda:*
>
> *Ngokuba usuke waba namadoda amahlanu; le onayo kalokhu akusiyo indoda yakho;*
>
> *Owesifazane* wathi *kuye, Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi wena.*
>
> *Obaba bethu babekhuleka kulentaba;* nina-*ke nithi, iseJerusalema indawo lapho kufanele kukhulekwe khona.*
>
> *UJesu* wathi *kuye, Sifazane, kholwa yimi, isikhathi siyeza, lapho ningasayikukhuleka kuBaba nakulentaba naseJerusalema.*
>
> *Nina nikhuleka kweningakwaziyo: thina sikhuleka kwesikwaziyo: ngokuba insindiso ivela kubaJuda.*
>
> *Kodwa isikhathi siyeza, sesikhona namanje, lapho abakhulekayo abaqinisileyo beyakukhuleka kuBaba ngomoya nangeqiniso: ngokuba uBaba ufuna abakhuleka kuye abanjalo.*

60 Ngezinsuku zikaJesu waseNazaretha, ngenkathi Wayelapha emhlabeni, ehamba enyameni, Wafumana abantu, osukwini lwaKhe, befuna inkolo ezobalethela ukukhululwa. Babefuna inkolo ezobakhulula kubo bonke ububi babo nezitha zabo. Futhi ubuKristu bahlangabezana nazo zonke izinselelo abazicela. UbuKristu bahlangabezana nakho konke abakudingayo, nakho konke abakucela. Kwaphonsela inselele ngamunye kwezidingo zabo, kodwa babengeke baKwemukele.

61 Futhi kucishe kufane njengoba kunjalo nanamuhla. Sithola abantu namuhla, njengoba kwakunjalo ngaleso sikhathi, befuna inkolo ezobenzela okuthile, ezo—ezoletha iqiniso elithile kubo. Futhi ubuKristu beqiniso bangempela buhlangabezana nazo zonke zalezo zinselelo, kodwa ngeke baKwemukele. AbaKufuni nje. Imvelo yabantu namuhla. Angikhulumi ngeBandla elizelwe ngokusha. Ngikhuluma ngesizwe nezwe, lilonke. Akubonakali beKufuna.

62 Uma ufuna noma yini, awukwazi ukuphumula uze ukuthole. UJesu wathi, ezibusisweni, "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa." Uma belambile futhi bomile!

63 Kodwa namhlanje sizama ukunika abantu okuthile abakudinga ngempela, futhi abafuni ukuKwemukela. AbaKufuni nje. Isimo sokuziphatha sabantu asikaguquki. Futhi nokho yilokho kanye okudingwa yizwe namuhla, yinkolo kaJesu Kristu, ukukhululwa ezintweni abazesabayo nabazesabayo kakhulu, futhi abadinga ukukhululwa kuzo.

64 Ezinsukwini lapho Wayelapha emhlabeni, esinye sezizathu zokuthi kungani bengakwazanga ukwamukela uJesu waseNazaretha, futhi baMkholwe futhi—futhi bathole ukukhululwa kwabo, ngoba kwakungajwayelekile kakhulu kubo. Kwakunjalo. Waletha ukukhululwa kwaKhe. UNkulunkulu wayebathumele ukukhululwa. Futhi kwakungajwayelekile kakhulu kubo, ukuthi ba—babengafuni ukukwamukela, ngoba akuzange kufike nje ngendlela ababejwayele ukwamukela ngayo inkolo.

65 Futhi yizimo ezivelele kakhulu ezikhona nanamuhla, okushaya kakhulu ukubona ukuhambisana ngokulingana kwakho. Abantu banamuhla bayazibuza, "Uphi uNkulunkulu owavula uLwandle oluBomvu na? Uphi uNkulunkulu owasindisa abanochoko na? Uphi uNkulunkulu owakhulula abathunjwa babaleke. . . bakhululeke na?" Futhi nokho liseduze, futhi abafuni ukuKwamukela. Ngani na? Isizathu esifanayo ababenaso. Kuphambene kakhulu. Akujwayelekile. Bona, bafuna . . .

66 Ngalolosuku, ukuba Wayengabalethela izivumokholo noma uhlobo oluthile ababezodlula kulo, amasiko athile nokunye nokunye, babeyokwamukela ngenjabulo. Kodwa ngenxa yokuthi WaKuletha ngendlela Akwenza ngayo, abantu babengafuni ukuKwemukela ngendlela AKuletha ngayo.

67 Leyo yindlela efanayo okungayo namuhla, kuyafana ncamashi. Bona, bayaKufuna, kodwa abafuni ukuKwemukela ezingeni uNkulunkulu aKuletha ngalo. Futhi yileyondlela kuphela uNkulunkulu anayo yokuKuletha. Futhi asikwazi ukwehlisa uNkulunkulu ezingeni lethu lokucabanga. Sifanele siziphakamisele ezingeni laKhe lokucabanga, futhi sihlangane naYe ngezizathu Asinikeze zona ukuhlangabezana naYe kuzo. Niyabo? Bafuna ukukhululwa.

68 Babenazo zonke izivumokholo zabo zamahlelo, nabaFarisi, nabaSadusi, oHerodi, nani-nani, zonke izinhlobo ezehlukene nezixuku zenkolo. Futhi ngamunye, omunye wayenokwakhe; ukuthi wayengakholelwa ovukweni, noma eNgelosini noma emoyeni. Omunye wayekholwa kukho kokubili, uvuko, iNgelosi

nomoya. Futhi omunye wakholwa ngandlela thize ugeza izandla zakho, nangendlela owenza ngayo.

69 Njengoba kunjalo nje namhlanje. Manje uma besingavuka, uKristu angafika ngohlobo oluthile lwento enjalo, awu, abantu bebeyojabula ukukwamukela.

70 Kodwa lapho efika ngaMandla aKhe ovuko lwaKhe, ukwenza abantu baphile futhi baziphathe futhi baziphathe kahle, futhi uku—ukuguqula izimo zabo zokuziphatha, ukuguqula izindlela zabo, ukuguqula indlela abaphila ngayo, abafuni kuzihlanganisa nalutho nalokho.

71 Bafuna ukuphila ngendlela nje abafuna ukuphila ngayo. Futhi bafuna ukuqhubeka ngqo nokuphila ngendlela ababelokhu bephila ngayo, kepha nokho babe nenkolo kakhulu, futhi baye esontweni futhi babe yilungu lalo, ukuthi bangaya ngeSonto ekuseni noma ngabe yisiphi isikhathi okuyiso; futhi babe nentshumayelo yemizuzu eyishumi nanhlanu evela kumelusi; lokho kuzobasusa lapho, bethi ukuneliseka ingxenye ukuthi benze inkolo yabo yeviki. Lokho kuyakuxazulula, babuyele emuva futhi benze noma yini abafuna ukuyenza, lonke iviki.

72 Manje, uNkulunkulu wathembisa kulezi zinsuku lokho Ayezokwenza. Futhi ngingathanda ukucela noma ngubani, noma yimuphi umfundisi, noma yikuphi, ngesithembiso esisodwa sokuthi uNkulunkulu wenza iBandla, nalokho Athi bayokwenza, kodwa lokho iBandla langempela elikwenzayo manje. Kepha abakufuni. Abakufuni.

73 UJesu waletha uNkulunkulu ezimpilweni zabantu. UNkulunkulu wenziwa waba ngumuntu. Ngenkathi uJesu ezalwa, uNkulunkulu waba ngumuntu, ukuze Abe nenhlanganyelo nomuntu nomuntu, uku (ini na?) feza inhloso eyodwa, lokho ngukuthi, ukuletha kumuntu lokho uNkulunkulu ayikho; hhayi lokho ibandla eliyikho, kodwa lokho uNkulunkulu ayikho. UJesu wafika ukuze Ezokwethula uNkulunkulu kumuntu. Futhi umuntu wayengakufuni.

74 UMoya oNgcwele uyafika namhlanje, ngendlela efanayo, ukwethula uNkulunkulu kumuntu; kodwa umuntu ufuna ukuya ebandleni. Ku—ku—kuminza ukucabanga kwakhe—kwakhe—kwakhe. Akakwazi—akakwazi ukuKuqonda. Futhi sifanele sifunde ukuthi uNkulunkulu akaziwa ngomqondo wobuhlakani. UNkulunkulu waziwa ngokuZalwa okusha, ngoMoya oNgcwele, hhayi ngenye indlela. UJesu, iBhayibheli lisicaphunele ngokusobala ukuthi, "Akekho umuntu ongabiza uJesu ngoKristu, kuphela ngoMoya oNgcwele." Futhi uma ungakaze uwamukele uMoya oNgcwele, awazi ukuthi UnguKristu, ngoba yileyondlela kuphela Azembula ngaYo.

75 Awuphendukile kuze kube sewamukele uMoya oNgcwele. IBhayibheli lasho njalo. Emva kokuba uPetru kokubili

esesindisiwe futhi wangcweliswa, wanikwa aMandla okukhipha imimoya engcolile, nokushumayela iVangeli; UJesu wamtshela ngokusobala ukuthi wayengaphendukile, kwaze kwaba usemukele uMoya oNgcwele. Futhi Wathi, "Emva kokuba usuphendukile, qinisani-ke abafowenu." Lokho kwakungobusuku bokukhashelwa, ukuthi wayengakaphenduki nokho. Futhi akekho umuntu ophendukile ngokweqiniso kuze kuba usephendukile, futhi afe kuye uqobo, futhi uMoya oNgcwele unokulawula lowo muntu. Abafuni ukukwenza.

76 Manje uMoya oNgcwele ngeke Uziphathe kabi kumuntu oyedwa, futhi Uziphathe kahle komunye. Uyokwenza umuntu ngamunye angene esimilweni saWo, niyabo, ngoba nguMoya okuholayo. Uletha, ukwenza uthobele imvelo yaWo. AwuWenzi uthobele imvelo yakho; Ukwenza uthobele imvelo yaWo. Futhi uMoya oNgcwele ukwenza uphile futhi uthande ukukwenza. O, ukuthanda kanjani ukudela izinto zezwe, lapho uMoya oNgcwele ungena! Ukuthi uKuhlanza kanjani futhi ukuhlanze, futhi ufake isifiso kuwe uku—uku—ukuMlandela, nokoma nokulambela okwengeziwe kwaWo, ukuhlanza wena uqobo. Uletha amaqiniso.

77 Manje, ngenkathi uNkulunkulu ebeka umuntu lapha, futhi ngezinsuku zeNkosi uJesu, Wa—Wanika umuntu ibalazwe lomgwaqo leqiniso oya eMandleni aKhe.

78 Ibalazwe lomgwaqo yinto ekutshelayo, ekutshela ukuthi uqonde ngakuyiphi indlela, uma ufuna ukuhamba. Lapho sihamba ezinsukwini ezimbalwa ezilandelayo . . . Sengiwele lelizwe kakhulu, mina nomkami simangele ukucabanga ngakho. Eminyakeni embalwa edlule, ungabalula lapho ufuna ukuya khona, ngingakutshela noma yimuphi umgwaqo oholela kuwo, futhi kungakapheli imizuzu eyishumi nanhlanu yesikhathi uzofika, usuka lapha uye eCalifornia. Angiwugeji nakanye, ku angazi . . . Kwesinye isikhathi khona ngqo echashazini, niyabo, ngibala isikhathi sami sokuthi isikhathi sokushayela siyini, nesilinganiso sesikhathi. Bengilokhu nje ngiya emuva naphambili, naphansi naphezulu, futhi ngiya emuva naphambili, uze uwazi nje.

79 Yileyondlela uNkulunkulu afuna sazi ngayo iZwi laKhe. SiyaLazi! SiLihambile. SiLihlolile. SiLizamile, futhi niyazi ukuthi Liholela kuphi. Manje ibalazwe laKhe lomgwaqo yiBhayibheli laKhe. IBhayibheli liyibalazwe lomgwaqo eliholela eMandleni kaNkulunkulu; ukukholwa kukuholela eMandleni. AMandla aveza isethembiso. Sidinga aMandla.

80 Manje, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngenkathi uDadewethu Wood, nami nomkami, sasihleli egumbini, sikhuluma ngomBhaphathizo. Kunabazalwane bethu abaningi kakhulu abayigugu lapha, ukuthi siyambonga uNkulunkulu ngokuthi Usiphe uMoya oNgcwele, njengoMfowethu Willard

Collins emuva lapho, futhi—futhi ngicabanga ukuthi uMfowethu Hickerson, na—namakhosikazi abo, noMfowethu Charlie Cox nomkakhe, no—noMfowethu Mike Egan emuva lapha, futhi, o, bangaki abanye, labo abemukele uMoya oNgcwele. Futhi sekuqala ukuba yinkulumo phakathi kwethu. O, kwangathi Kungasivuselela endawaneni lapho sizoya ekufuneni, silambele futhi sidonsela amaqiniso kaNkulunkulu. UNkulunkulu uyiqiniso.

81 Manje, ibalazwe lomgwaqo lisikhomba kuphi na? Bebefanele bazi. UJesu wathi, ngezinsuku lapho Wayelapha emhlabeni, Wathi, "Nina bazenzisi!" Wathi "Kanti ukuma kwezulu niyakwazi ukukuchaza lapho nithi lizakuphendula futhi libhejile, ukuthi kusasa lizoguqubala; uthi uma lilihle, ukuma kwezulu niyakwazi; kepha izibonakaliso zesikhathi, aniziqondi. Ukube beningazi Mina, beniyolwazi usuku lwaMi."

82 IBhayibheli alishongo yini ukuthi lezi zinto zizokwenzeka lapho Efika na? U-Isaya umprofethi akazange yini aprofethe ngakho na? Ngabe akazange yini uJeremiya, uHezekeli, bonke abaprofethi abancane, bakhuluma ngakho na? Konke, lelo balazwe lomgwaqo likhomba ngqo kuleso siphetho esisodwa! Futhi lapho Efika, base benze izivumokholo amabandla abo nezinto baze behluleka ukubona iqiniso lalokho Akuzele; ukuletha uNkulunkulu kumuntu, ukwenza uNkulunkulu kumuntu, ukubahlanganisa futhi.

83 Ngisho noJobe, ngezinsuku zokuhlupheka kwakhe, wamemeza, "O, ukube bengingaMbona nje!" Ngamanye amazwi, "Uma bengingaya endlini yaKhe bese ngingqongqoza emnyango waKhe! Ukube bengingathola othile obengangimela esikhaleni!" Wathi, "Ngiyazi ukuthi angonanga. Kepha nokho, ngiyazi ukuthi ngilungile, ngiyazi ukuthi angenzanga lutho, ngokuba ngimi emnikelweni wokushiswa." Kodwa wayentula iqiniso. Wayenesimo, kepha wayentula iqiniso. Wathi, "O, ukube bengingathola kuphela Lowo Obengabeka izandla zaKhe kumuntu onesono noNkulunkulu ongcwele, futhi alethe amaqiniso kuye!" Ngenkathi, yena engumprofethi futhi ekuMoya, ehleli, enwaya amathumba akhe, uMoya weNkosi wehlela kuye, imibani yabaneka, imidumo yaduma, futhi wamemeza wathi, "Ngiyazi uMhlengi wami uyaphila, futhi ngezinsuku zokugcina Uyoma kulomhlaba; nakuba izibungu zesikhumba seziwonakalisile lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu!" Nakho lapho ukhona, iqiniso! "Uzofika ngelinye ilanga." Kungani kungenzekanga . . . Okhokho abadala, futhi emuva phakathi lapho, ababekulangazelela lokho!

84 NoJesu wathi, "Uma beningazile Mina, beniyokwazi usuku lwaMi." Uzela ukuhlanganisa uNkulunkulu nomuntu ndawonye. Yena ufika, Lowo kuphela. INgelosi yayingeke ikwenze. Akekho

owayengakwenza ngaphandle kwaKhe. Wafika ukwenza uNkulunkulu nomuntu, babe munye.

85 Wathi, "Ngalolosuku niyokwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi; Mina ngikini, nani nikiMi." Ufikela ukuhlanganisa uNkulunkulu nomuntu ndawonye. Lapho, umuntu wenziwa umsizi kaNkulunkulu, futhi waba ngunkulunkulu qobo lwakhe womhlaba. Kunjalo. Kepha walahla imvelaphi yakhe, ngesono, futhi igazi lezinkunzi nelezimbuzi alikwazanga ukwenza inhlawulo ngalesi sono. Kodwa iGazi likaJesu Kristu belingakwenza! O, kanjani . . .

86 Niyabo, Yena, Ukhombisa ibalazwe lomgwaqo. Yena, WaKufakazisa. Ibalazwe lomgwaqo laholele ngqo kuwo. "Ukube benimazi uMose, beniyongazi naMi. Ukube benilazi iZwi!"

87 Ngenkathi uSathane ehlangana naYe, uSathane wazama ukuMphambukisa. Wathola ibalazwe lomgwaqo, uSathane wakwenza, waphuma, wathi, "Uyabo, lapha Kusho *lokhu* lapha."

Wathi, "Kepha kulotshiwe nokuthi . . . "

88 O, kuningi ukweqa, lokhu, *lokho*, noma *okunye*, "O, inqobo nje uma ngenza *lokhu*." Akukhona lokho! Wena, ufanele uthole uNkulunkulu ebudlelwaneni bomuntu siqu kanye nesehlakalo. Uma uzisho ukuthi unakho, futhi usaphilela izwe, khona-ke kukhona okungahambi kahle. Udeveli ukuphambukisele emBhalweni ongafanele.

89 Uma silandela ibalazwe lomgwaqo, uma lithi "jika emgwaqeni omkhulu us'bani-bani lapha," jika ngaleyondlela! Uma iZenzo 2:38 zithi, "Phendukani, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono," Akujikelanga kwesokunxele; ukuthi ufanele ujike ngaleyondlela. Angikhathali ukuthi kunjani, ufanele ulandele umgwaqo. Uma Athi, "Isithembiso ngesenu nesabantwana benu," lokho bekungasho iminyaka eseyadlula. "Bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza," yilokho eLakusho! Lelo yibalazwe lomgwaqo likaNkulunkulu. Sifanele siLilandele. Umgwaqo umakiwe.

Wena uthi, "Ngizokwazi kanjani ukuthi ngikuwo na?"

90 Izinyathelo ezineGazi zeNkosi uJesu zenza umgwaqo, futhi abafundi babeka phezu kwalesosisekelo esifanayo. Futhi uMoya oNgcwele wabaqondisa. Landela lelo balazwe lomgwaqo.

91 Futhi ubusuku obumbalwa obedlule, omunye wathi, "Ngaphansi kokubona okufihlakaleyo, uMfowethu Branham ulungile. Kodwa uma kukhulunywa ngemfundiso yakhe yezenkolo, uphumile ngakho konke." Noma yimuphi umuntu ongazi kuphela ukuthi iBhayibheli lifundisa lona igama elithi *umprofethi* lisho ukuthi "umambuli weZwi." Lezo zibonakaliso kuphela zingu—ngukwanda. Abafundisi, nokunye-nokunye,

bangafundisa iZwi. Kodwa uma ubona okuthile kuza lokho okungaphezu kwemvelo nokwambula kanjalo, kufakazela kuphela ukuthi leyo yinto. Lelo yiZwi likaNkulunkulu.

92 UJesu waseNazaretha, ngenkathi Wayelapha emhlabeni, abantu baMlandela izikhathi eziningi ngezinhlanzi nezinkwa, nokunye nokunye, nalokho ababengakuthola kuYe. Wabayeka baqhubeka. Ukuthandwa kwakhe ngabantu kuqala ukuza phezulu kanye. Futhi kwathi-ke ngolunye usuku Waqoqa isixuku emva kokuba Esondle izinkulungwane ezinhlanu, wawelela ngakolunye uhlangothi lwechibi. Isigejane sabuthana emva kwaKhe, siza naYe. Wayesethi, “Kungani nizile na? Hhayi ngenxa yesimangaliso, kodwa ngenxa yezinhlanzi nezinkwa, yingaleso sizathu niza.” O, abanye babo babecabanga ukuthi bazolahlekelwa okuthize, niyazi, uma be—uma bengazange babone lokho Akwenzile. Kodwa ukuLithinta na? Qhabo, mnumzane.

93 Futhi-ke uJesu, kuleso sahluko esifanayo se 6 sikaJohane oNgcwele, waqala ukubeka iVangeli phansi, futhi bakhubeka ngaYe. Futhi kusukela kuleso sikhathi, ukuthandwa kwaKhe ngabantu kwaqala ukufa, ukwehla, “Wayengesuye Lowo ngaleyonkathi.”

94 Futhi njengomshumayeli wesimodeni noma omunye umuntu, uma bebengathi, “Ngani, yima umzuzu lapha, u—ucasula abantu ngokushumayela kwaKho. Wena, wena awufanele wenze lokho.” Manje umshumayeli wesimodeni ubengathi, “O, yebo, mhlawumbe kungcono ngibheke lokho i—i—isivumokholo esikushoyo.” Niyabo? “Mhlawumbe kungcono ngibuke ukuze ngibone ukuthi ibandla lithini ngaLo, ngoba bangahle bangikhiphe.”

95 Lokho kwakungeyona iNkosi yethu. INkosi yethu ize ukuzokwenza intando kaNkulunkulu kuphela! Yalandela iZwi. Futhi noma ngubani onaye uNkulunkulu, uzolandela ngendlela efanayo. Ngabe Wayeka na? Qhabo, mnumzane. Kepha, ukuthandwa kwaKhe—kwaKhe ngabantu kuyancipha ngaso sonke isikhathi. Abaningi ababange besahamba naYe futhi. Basuka kuYe. Isahluko esilandelayo, abanye futhi bajikile. Futhi isahluko esilandelayo, abanye futhi bajikile. Wayekuphi na? Endleleni eya eKalvari! Kodwa ngabe Wake wama na? Qhabo, mnumzane. Akazange axegise iZwi likaNkulunkulu, nhlobo. Wahola waqonda wehla emgwaqeni omkhulu. Waya ebalazweni lomgwaqo. Yena, kwakukhona umgwaqo obekwe phambi kwaKhe, futhi lowomgwaqo Wayefanele awunyathele.

96 Wonke umKristu ozelwe ngokusha wena unendlela ebekwe phambi kwakho. Ufanele ulandele lowo mgwaqo. UNkulunkulu uyawumaka. Umakwe ngeGazi. Futhi uMoya uhlala njalo uhlala eGazini, ngoba ngeGazi kuza ukuPhila; Ingqamuzana legazi yingqamuzana lokuPhila. Manje siyaMlandela khona-ke,

futhi siyabona ukuthi ibalazwe lomgwaqo lisiqondisa kanjani, likhombisa ukuthi sihamba kuyiphi indlela. Bekulokhu kunjalo. Kuyindlela kaNkulunkulu ehlinzekelwe thina. IZwi liyindlela ehlinzekiwe kaNkulunkulu.

97 Uma umuntu efika endawaneni lapho abona khona umBhalo, futhi ngenxa yokuthandwa ngabantu, ngenxa yokuhlangana okuthile kwebandla, ngenxa yabantu bakhe ngeke bamvumele akushumayele, lowo muntu akasoze aqhubeka noNkulunkulu. Ufanele ubuye ucoshe leloZwi, kungakhathaleki ukuthi liyini. Uma ungakwenzi lokho, u—uphambukile endleleni ndawo ndawo, uyoshona odakeni lobumba lwesono. Ngiphonsela inselelo noma yimuphi umuntu.

98 Futhi emtapweni wami wolwazi phezulu lapho, sinayo yonke imilando yasendulo engaziyo ngayo, I*Pre-Nicene Fathers*, i—i—I-*Ancient Writtings* kaJosephus, i*Two Babylons* kaHislop, i*Foxe's Book of The Martyres,* eminingi, eminingi eminye imibhalo yasendulo. Futhi asikaze sibe khona isikhathi lapho ibandla like laziletha endaweni lapho lama khona esivumweni kholo salo, uNkulunkulu eke walivusa futhi. Lacwila khona lapho odakeni olunodaka. Kunjalo. Alizange liqhubeke, ngokomoya, alikaze futhi alisoze. Akulona uhlelo lukaNkulunkulu.

99 Uhlelo lukaNkulunkulu nguMoya oNgcwele. Yindlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe yokwenza izinto. Manje qaphelani lokhu. Ezinsukwini zikaNowa . . . Uhlelo lukaNkulunkulu luhlale luyindlela ehlushwayo. Yingalesosizathu abantu bengaWufuni.

100 Ngezinsuku zikaNowa, babenenkolo. Babekade benayo iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, njengoba sinobuKristu. Futhi kwakukhona abagxeki njengoba ekhona manje. Futhi ezinsukwini zikaNowa, kwenzekani na? Sithola ukuthi uNowa wema kulowo mnyango owodwa womkhumbi, futhi wakha umkhumbi owawuphikisana nanoma yikuphi ukucabangela komuntu. Lalingakaze line, kungakaze kube nefu esibhakabhakeni. Kodwa uNkulunkulu wathi lalizokuna. Lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu wathi, "Lungisa umkhumbi." Futhi uNowa walungisa umkhumbi, futhi wema kulowo mnyango owodwa wase eshumayela insindiso. Futhi yilona kuphela ikhambi lensindiso.

101 Uhlobo olunjani namuhla pho! Munye umnyango oholela kuNkulunkulu, nalowo mnyango nguKristu. UKristu unguMoya oNgcwele ohlala kithi. Futhi simi emnyango womkhumbi kaNkulunkulu, kaMoya oNgcwele, futhi sishumayele "Lena yindlela," ipulani efanayo bonke abanye abeza ngayo.

102 UNowa wayeyindlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe. Ngezinsuku zokukhululwa eGibhithe, uMose wayeyindlela kaNkulunkulu, niyabo, inkonzo engaphezu kwemvelo, i—indlela. Niyabo, uNowa wayenokuthile okwakwehlukile.

UNowa wayenenkolo ethile eyayihlukile kuzo zonke ezinye; wayeneZwi likaNkulunkulu. Futhi abantu babengalijwayele iZwi likaNkulunkulu. Babenezivumokholo zabo, babenakho ababekufuna. Ngakho-ke kwaku—kwakuyizivumokholo ababezilalela, futhi hhayi iZwi. Kodwa uNowa wayeneZwi.

103 UMose wayeneZwi. Akunandaba ukuthi bonke abanye babenani, uMose wayeno ISHO KANJE INKOSI. Bheka okukufakazele. Wenza izibonakaliso nezimangaliso, futhi isibonakaliso ngasinye nesimangaliso sasinezwi. Manje uNkulunkulu wathi, "Uma bengayikulizwa iphimbo lesibonakaliso sokuqala, bazolizwa iphimbo lesibonakaliso sesibili."

104 Manje abantu namuhla, njengoba babenjalo ngezinsuku zikaJesu, balandela isimangaliso. "O, Angahle enze okuthile okwehluke kancane. Bengingeke ngikubone lokho kwenziwa. Ake sibone ukuthi Angahlukanisa ngokomoya *lona*. Ake sibone uma Engakwenza." Niyabo, yileyondlela Akwenza ngayo. Babelandela nje izinhlanzi nezinkwa. Kodwa uma sekuza ekuphendukeni, ukubhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, nokwamukela uMoya oNgcwele, babengeke bawubeke umunwe wabo kuWo. Kunjalo. Futhi-ke bayakulahla.

105 Futhi balahla uJesu, ngokuthi, bathi, "O, Wena ushumayela okuphambene nalaba." Lokho akuzange kuMmise. Waqhubekela phambili.

106 Umfundisi omkhulu, ngelinye ilanga, wabeka izandla zakhe phezu kwami, wathi, "Ngizokukhulekela, Mfowethu Branham, ukuthi ungalokothi usho lutho oluphikisana nendlela laba bantu abaphila ngayo kulamabandla." Wathi, "Mfowethu Branham, uzobenza . . . Uzobenza bakuthukuthelele."

107 Ngathi, "Ngingakuvimba kanjani, lapho uMoya wami wangaphakathi nomphefumulo wami ukhala ngokumelene nakho na?"

Wathi, "Awu, angisho lutho olumelene nakho."

108 Ngathi, "Ungeke. Unezigidi zamadola zihleliwe. Ufanele uthole amadola abo. Angidingeki ngibe nakho."

109 Ukuphela kwento engiyidingayo aMandla ovuko lweNkosi uNkulunkulu. Yilokho kuphela esikudingayo, uMoya. Yima eQinisweni! Angikhathali ukuthi mangaki amahlelo aphikisana naLo, KuseseyiZwi likaNkulunkulu. "Kodlula amaZulu nomhlaba; amaZwi aMi awayikudlula. Noma ngubani oyosusa noma anezele noma yini kuleNcwadi, yena uyokhishwa eNcwadini yokuPhila, yena." NgiLikholwa ngendlela nje i, ibalazwe lomgwaqo elikusho ngayo. Yilokho kuphela, indlela kaNkulunkulu!

UMose wayenezibonakaliso. Wafakazisa ukuthi wayeyinceku kaNkulunkulu.

110 UNkulunkulu uhlala ethanda ukusebenza ngomuntu. Kuluhlelo lukaNkulunkulu ukusebenza ngomuntu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UNkulunkulu usebenza ngomuntu. Wenza umuntu waba ngumsizi waKhe emhlabeni. Wenza umuntu waba ngunkulunkulu omncane kunaYe.

111 Manje sesedlule kulokho emfundisweni kamuva nje, kaGenesise 1:26, ngenkathi Wayengu-El, Ela, Elohim, owanele konke, Okhona ngokwakhe. Bese kuthi-ke kuYe kwakukhona izigxenye ezingahlukaniseki zikaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele; hhayi onkulunkulu abathathu, amahhovisi amathathu kuYe Ayezohlala kulezo zimiselo zezikhathi. WayenguMsindisi, WayeyiNkosi, WayenguNkulunkulu. Zonke lezi zinto zaziveza. Yizingxenye ezingahlukaniseki zikaNkulunkulu, niyabo, kodwa, kulokho, kuYe ekuqaleni.

112 Futhi ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo, Wambeka emhlabeni njengonkulunkulu omncane. UJesu wakumemezela lapho Ethi, "Akulotshiwe yini emithethweni yenu ukuthi ningonkulunkulu na?

"Futhi uma babiza labo ngonkulunkulu iZwi likaNkulunkulu eleza kubo," okwakungabaprofethi, "ningaNgilahla kanjani lapho ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu?" Washo. Niyabo? Abakuqondanga nje, niyabo. Kepha umuntu wabekwa lapha ukuba abuse phezu komhlaba. Wayenakho konke ngaphansi kokulawula kwakhe.

113 Lokho u-Adamu akulahla, uJesu wafakazisa ukuthi Ukubuyiselile. Wamisa imvelo. Wavusa abafileyo. Yena, Wenze konke. "Futhi izwe liyabubula namuhla," kwasho iBhayibheli, "ngokubonakaliswa kwamadodana kaNkulunkulu," ukuze uNkulunkulu angene futhi ebantwaneni baKhe futhi emaqinisweni, ukwenza izinto zibe ngokoqobo. Futhi kuyabakhubekisa abantu.

114 Uma uSathane engakwazi ukubafihlela iQiniso, wenza abantu abashisekela ngokweqile ngabo; abalahle ku*lolu* hlangothi naku*lolo* hlangothi, futhi bathola lonke uhlobo lwezinto, amagazi namafutha, nemizwa, okungekho ngisho ngokomBhalo.

115 Kepha hlala eplanini! Hlala emgwaqeni omkhulu. Hlala nomBhalo. UngaWushiyi. Yingakho uJesu eza, leyondoda yayingeke idukiswe bese iphume ohlangothini, kodwa ihlale ngqo eZwini. UPawulu oNgcwele omkhulu wathi, "Uma ingelosi evela eZulwini iza futhi ishumayela elinye ivangeli ngaphandle kwaleli elishunyayelwe kini, mayibe ngeqalekisiweyo kini." Yebo, mnumzane.

116 Ngani, uSathane wehlele ensimini yase-Edene njengengelosi yokuKhanya, futhi watshela u-Eva. Ngani, a—akazange aphike, wathi, "O, awu, lokho kulungile. O, impela,

uNkulunkulu ukushilo lokho; kodwa, niyazi, uzoba nokuKhanya okwengeziwe." Sinokukhanya okuningi kuka-Eva namuhla, nokukhanya kukaSathane, sibone izinto. NeBhayibheli lathi, "Ngosuku lokugcina, ukuthi, udeveli uyozenza izingelosi zokuKhanya." Zonke lezi izivumokholo lapha namahlelo, futhi wonke lombhedo oqhubekayo. Okungukuthi, isigamu sakho asinawo ngisho umBhalo kukho, neze. Kunjalo.

117 Hlala emgwaqeni omkhulu. Hlala ebalazweni lomgwaqo. Hamba ngendlela abafundi abahambe ngayo, hamba ngeZwi abalishumayela. Liphile! ULifakazele, "Ngiyazi ukuthi LiyiQiniso!" Izibonakaliso ezinsukwini zokugcina, uNkulunkulu ephila kumuntu. Kuluhlelo lukaNkulunkulu.

118 UNkulunkulu ufanele athole umuntu Angamethemba, umuntu Angaba—Angaba nokwethembela kuye; futhi—futhi bangaba nokwethemba kuNkulunkulu, abangaMkholwa. Niyakukholwa lokho, anikukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. UNkulunkulu unakho, ukuthola omunye umuntu Angabeka ukwethembela kwaKhe kuye. Bese kuthi-ke uma Ethola umuntu onjalo Angabeka ukwethemba kwaKhe naMandla aKhe phakathi, indoda ezolandela umgwaqo, ezohlala ngqo ebalazweni, niyabo, aqhubeke njalo aze afike endaweni yaMandla. Ukukholwa kuzomholela kulokho, ngoba unokukholwa eZwini. Kuzomholela esithembisweni, nesithembiso . . . Uzomholela eMandleni, naMandla azomholela esithembisweni. Bese kuthi-ke lapho ethola isithembiso futhi eqala ukubonakalisa, kwenzani na? Kuphuphuthekisa amehlo omfowethu ongakholwa, osivivi, okhonza isivumokholo. Kunjalo impela.

119 Yilokho Okwakwenza lapho, emuva lapho ezinsukwini zikaJesu. Wathi, "Uma bengingeke ngize, ngabe awusazi isono. Kepha manje ukuthi sengilapha . . . " Amen! "Manje ukuthi sengilapha, awunazaba."

120 Futhi, namhlanje, uma uNkulunkulu enze isithembiso saKhe sokuthi Uyothumela uMoya oNgcwele ngezinsuku zokugcina futhi lezi zinto beziyokwenzeka, ubungakungabaza; kodwa manje ukuthi Ufikile futhi uyaKwenza, umhlaba awunazaba. Udume izizwe ngezizwe, izindawo ngezindawo, kuze Kube usibekele umhlaba. Kunjalo. Abanazaba. Babengeke baWazi ukube uNkulunkulu wayengafikanga futhi waWuletha. Kodwa UseWulethe kithi manje, futhi ngakho-ke emaqinisweni, amaqiniso okulandela iZwi. Ukulandela iQiniso! Hlala naLo!

121 "O, ngiwelela ngapha ebandleni leBaptisti," bathi, "sineQiniso." AmaMethodisti athi, "SineQiniso." Manje yilona liphi na? Nobabili nihlukene, yimuphi oneQiniso. Yehlela kumaSeventh-day Adventist, "SineQiniso." Dlulela kwiChurch of Christ, "SineQiniso."

122 Awu, yinye kuphela indlela yokwenza iQiniso, lokho ngukuthi, hlala neZwi. Omunye wasuka eZwini ndawo ndawo. Banengxenye yeQiniso, bese-ke bayahamba bese bebeka ukuphambuka kuLo. Bashaya umgwaqo omkhulu, futhi baphambuke. Hlala neZwi!

123 Khuluma nabo ngombhaphathizo eGameni likaJesu Kristu. "O, akwenzi mehluko."

124 Kuyawenza umehluko! UPawulu uthe wayala abantu ukuba baphinde babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Wathi, "Uma iNgelosi isho noma yini enye, mayibe ngeqalekisiweyo." Kuyawenza umehluko!

125 Bekungathiwani ukuba uMose wathi, "Ngizovele ngikhumule esami. . . Ngizovele ngikhumule isigqoko sami esikhundleni sezicathulo zami. Kunzima ukuqaqa izicathulo zami, ngizovele ngikhumule isigqoko sami futhi ngikhombise inhlonipho"? UNkulunkulu wathi, "Izicathulo!" Futhi uNkulunkulu wayefuna izicathulo, hhayi isigqoko; izicathulo, lokho Akusho.

126 UNkulunkulu uyala wonke amaZwi aKhe ukuthi agcwaliseke ngokuphelele. Kufanele kube njalo. Ufanele wenze lokho Athi kwenze, ngokuba akukho nokukodwa okuncinyana noma okuncanyanyana elilodwa eliyoke lidlule kuLo. "Kuyodlula amaZulu nomhlaba, kepha amaZwi aMi awasoze ahluleka." Lifanele lihlale. Elilodwa, ichashazi elilodwa noma okuncane aliyikudlula kuLo, Lonke lifanele ligcwaliseke.

127 Futhi, manje, umuntu wayeyisithunywa sikaNkulunkulu. Umuntu yilokho uNkulunkulu asebenza ngakho.

128 Bese kuthi-ke lapho umuntu emukela iQiniso, ashaye umgwaqo omkhulu okuyiwona bese eqala ukudlulela phambili, futhi athole lamaqiniso, aqhubekele phambili, kwenzani na? Umfowethu ongakholwa, uzombuka, kufana nokuthi u . . . Yena, akakwazi ukuLemukela. Uma enza, ufanele ashiye ibandla lakhe. Uma eshiya ibandla lakhe, uzimela yedwa.

129 Umfundisi washo kimi, ngemuva nje ngqo kwaleyongxoxiswano phezulu lapho, umfundisi wathi, "Bheka lapha!"

130 Ngasho kubo emsamo, ngathi, "Manje-ke uma nginephutha kakhulu, kunamakhulu abefundisi lapha, omunye umuntu woza futhi ungifundise okulungile." Awubonanga muntu eza, nambona na? Futhi ngeke, ngoba akukho lapho.

131 Umfundisi oyedwa, umfundisi ovelele, bengingelibize igama lakhe. Ungumzalwane oyigugu. Wafika, wathi, "Mfowethu Branham, inkonzo yakho, impela, ungaqhubeka futhi wenze lokho. Kodwa uma sikwemukela Lokho, uma sikwemukela Lokho, ibandla lethu liyasenqaba, manje-ke singaya kuphi na?"

132 Ngathi, "ENdaweni eyanele konke yokucasha, uKristu uJesu! Yilapho uya khona. Iya kuKristu."

"Awu," washo, "kodwa inkonzo yethu?"

133 Ngathi, "Inkonzo yakho icishe ifane nje nenkonzo yanoma ngubani, uma ingekaKristu, akunandaba ukuthi ufanele uye kuphi."

134 Wathi, "Awu, uma ngibhaphathiza kanjalo, bebeyongikhahlela ngiphume ebandleni lami."

Ngathi, "Bakwenzile kimi. Manje-ke kwenza mehluko muni na?"

135 Qhubeka nje emgwaqeni omkhulu. Landela iplani nje. Impela, yiba ulokhu uqhubeka nje naLo, akunandaba ukuthi banani.

136 USawule wayenebutho eliqeqeshiwe. USawule wayenebutho elikhulu elinobuhlakani. Bona, babengafuni uSamuweli; njengoba ngashumayela lapha esikhathini esithile esidlule, ndawo ndawo. Babenebutho elikhulu. O, impela! USa- . . . Futhi uSamuweli wabatshela, wabakhipha ngaphambi kokuba bakhethe lenkosi. UNkulunkulu wayeyiNkosi yabo.

137 Futhi uNkulunkulu uyiNkosi yethu! Kungani sifuna okunye ngaphandle kukaNkulunkulu na? Kungani umKristu engafuna noma yini enye imhole ngaphandle kukaMoya oNgcwele na? Angazi. Angiqondi.

138 NoSamuweli wababiza. Wathi, "Ngifuna ukunitshela okuthile." Wathi, "Ngike ngasho utho kini eGameni leNkosi, kodwa lokho okufezekile na?"

"Qhabo."

139 "Ngake nganamuka imali yenu na? Ngake nganxiba imali na?"

140 "Qhabo, awuzange usinxibe noma iyiphi imali. Futhi okushilo, iNkosi ikufezekisile. Siyakwazi lokho."

141 Wathi, "Manje-ke kungani nala uNkulunkulu, futhi nifuna inkosi na? Nifuna ukuziphathisa okwezwe."

142 Futhi yilokho okwenziwa yiPentecost namhlanje. Ifuna ukwenza iziqhwaga ezinobuhlakani. Ifuna ukukhipha aMandla eBandleni. Lifuna ukukhulisa ihlelo, lingenise amalungu amaningi. Umbhedo lowo! Futhi uma ubophela umuntu esivumwenikholo, uma wenza lokho, ususa uMoya oNgcwele kuye. Uzofanele aphe kwenye indawo. UMoya oNgcwele uzoqhubeka; umuntu akakwazi, ngenxa, yesivumokholo sakhe. Manje wathi . . .

143 Futhi-ke, kusobala, uSawule waqeqesha ibutho lakhe. O, he. Wayenalabo bakwa-Israyeli bazi nje ukuthi iyiphi indlela yokugwaza ngomkhonto, noma ukwenza noma yini. Kodwa ngolunye usuku kwafika ophosela inselele, uGoliyati omdala.

Futhi, mfowethu, kuthathe okungaphezulu kokuqeqeshelwa ubuhlakani ngaleso sikhathi.

144 Kwathatha indoda eyayazi okuthize mayelana namandla angaphezu kwemvelo. Kodwa uNkulunkulu wayenomuntu onjalo. Ngiyayibonga iNkosi ngalokho. UNkulunkulu uhlale enomuntu othile njalo. Uhlale enaye. Wayenendoda Ayengabeka izandla zaKhe kuyo. Umfo omncanyanyana obomvana laphaya, wayengekho kakhulu, kodwa weza lapho futhi wathi, “Niqonde ukungitshela ukuthi nizovumela lowomFilisti ongasokile adelele ibutho na?” Futhi kwakukhona uSawule omdala, ikhanda namahlombe ngaphezu kwabo bonke. Konke ukuqeqeshwa kwakhe kobuhlakani akuzange kusize ngalutho.

145 Manje amabandla asekwenzile lokho. Basuka kuMoya oNgcwele. Basuka eMandleni kaNkulunkulu. Basuka ekuholeni kukaMoya. Futhi sine. . . Sinamadodana ka—kaKishi, nathi. Sibe nesinye seziqhwaga zethu esikhulu ngolunye usuku, ngapha e-Afrika, waphoselwa inselelo ngokaMohamede, ngomBhalo. Kwenzenjani na? Wathatha amanzi njengenye indodana kaKishi; kungesikho ukudelela umfowethu.

146 Kepha babenomuntu owayazi ukuthi uNkulunkulu angakhulula. Baletha lowoDavide omdadlana phezulu lapho, futhi wathi, “Angazi lutho ngemikhonto yenu, ukuqeqeshwa kwenu kobuhlakani. Kepha ngazi into eyodwa. Ngazi into eyodwa, ngaphuma ngalandela imvu eyayithathwe isitha. E-hhe. E-hhe. UNkulunkulu wangivumela ngizibuyise.” Wathi, “Uzongenza kakhulu kangakanani-ke, ngivumele, ngibuyise lo mFilisti ongasokile!”

147 Esikudingayo namuhla ngabesilisa nabesifazane abafuna iqiniso. Haleluya! Hhayi isivumokholo; iqiniso, yilokho izwe elikudingayo namuhla! Hhayi izivumokholo nemfashini; sidinga amaqiniso kuNkulunkulu! Umhlaba awuLifuni. Umhlaba awuLifuni. Angeke, abafuni ukuLemukela. Kodwa iBandla lifanele libe naLo. UNkulunkulu ufuna ukuba ube naLo. UnguNkulunkulu wamaqiniso. Yebo, mnumzane.

148 Ngobunye ubusuku, ngahamba nabangane abathile abakhona manje, iqembu labo, ngaphandle lapha ukubona lokhu, lona lapha u*Samsoni noDelila*, umkhiqizo kaCecil B. DeMille. Ngizwe okuningi ngakho. Ngacabanga ukuthi ngizoshayela ngiphume, ngibone ukuthi kubukeka kanjani. Ngenkathi ngikubona lokho, ngaqala ukuzibuza ukuthi yini uNkulunkulu ake wayibona kumfana onjengoSamsoni, ngezinsuku zabahluleli.

149 Niyabona, uNkulunkulu usebenzisa umuntu. Niyakukholwa lokho na? Kodwa kuphela Anga. . . Angasebenzisa umuntu kuphela lapho Engathola khona umuntu, lapho Angathola umuntu othile Angamsebenzisa. Kwakukhona isikhala ngezinsuku zabahluleli, Wayengatholi muntu. Ukuphela kwento

Ayengayenza kwakungukuvusa nje oyedwa, futhi oyohamba ngendlela ethize; bese-ke evusa omunye, futhi uyohamba indlela ethize. Wayengenamuntu Ayengabeka ukwethembela okugcizelelwe kuye ngokuphelele.

150 Futhi ngazibuza, Wabonani kuloSamsoni na? USamsoni wayefana nenqwaba yabaholi bethu namuhla, indoda yamanenekazi, ejahana ukusuka endaweni aye endaweni, elandela abesifazane. Njengenqwaba yabaholi bethu namuhla, njengenqwaba yabaxegisi bethu eZwini, avumele abesifazane babahole, abafake babe ngabashumayeli nezinto ezinjalo. O, bakithi!

151 Ngicela noma yimuphi umuntu nje ukuthi aveze umBhalo womshumayeli wesifazane. Ngingakufakazela lokho kini eTestamenteni eLidala, njengoba uPawulu athi, "Usho kanjalo noMthetho." Bengibheka ukulandelana kwezikhathi kweTestamente eLidala, izolo, futhi ngithole phakathi lapho ukuthi lapho babenamaphoyisa akhethekile, ukuthi owesifazane akakwazanga ngisho nokungena enkantolo yesibili noma yesithathu, ingasaphathwa eyokuthi epulpiti. Babenamaphoyisa akhethekile eThempelini, ukugcina abeZizwe ngaphandle lapho, nabesifazane ngokulandelayo, bese-ke kuza amaLevi, bese-ke beya eNgcwelengcwele yezingcwele. Abakwazanga ngisho nokuza ezinkantolo zesibili. Kunjalo impela. Futhi namhlanje senze abesifazane izithixo zethu. Abaningi kakhulu abaholi bethu avumela abesifazane abahle nezinto ezinjengalezo ukuba zibahehe, bavumele ubuhle bowe—bowesifazane wokomoya, ibandla.

152 Niyazi, owesifazane ungumfanekisa weBandla. SinguMlobokazi. IBandla linguMlobokazi.

153 Kunenqwaba yomlobokazi. Futhi bavumela labo besifazane ukuba babayenge. Abefundisi namhlanje bavumele amabandla ukuba abasuse eQinisweni. Futhi yena wenzani na? Ugunda izinwele zakhe, unquma amandla akhe, unendlela yakhe.

154 Hhayi ukumelana nodadewethu. Ukube uNkulunkulu ubenganikeza indoda into engcono kunonkosikazi, Ubezomnika lokho.

155 Kepha akusibo bonke abesifazane abangamakhosikazi, akusibo bonke abesifazane abayibo. Akubona bonke abesifazane abangomama. Akusibona bonke labo abanabantwana abangomama. Ngibone abanye labo ababenezinhlonipho ezingcono ngenja; bathathe izinganyana zabo bese-ke bezihlalisa emgwaqweni, bese bendlala. Abantu bephuma begqoke lezi zingubo ezincane ezindala nezinto, futhi begqoke ngokungaziphathi kahle.

156 Ngibone amadoda ehla ngomgwaqo, izolo. Bengiya ezansi edolobheni ngifuna okuthile, lapho ngabona indoda emva kwendoda, ihamba yehla ngomgwaqo, nenkosikazi yayo

encane enhle, igqoke izingubo ezindadlana, zibukeka kabi. Leyo akuyona indoda; lowo ngosasitabane. Noma ngubani ongavumela umkakhe agqoke kanjalo, akuyona indoda kakhulu. O, angaba nemisipha, njengokuthi; lokho kuyisihluku, leso yisilwane.

157 I*ndoda* yi "similo." UJesu, uMuntu omkhulu kunabo bonke owake waphila, Wayengumfo omncanyanyana, "kungekho buhle ukuba siMfise," kodwa akukaze kube khona isimilo esake sethulwa emhlabeni njengoJesu Kristu.

158 Ngiwabonile amadoda athile, anesisindo esingamaphawondi ngamakhulu amabili namashumi amahlanu, ayengenalo i-awunsi lendoda kuwo. Uma kuza . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ngakaze ibe namandla njengehhashi. Kwesinye isikhathi awanamqondo wehhashi, ngakho-ke, ubuhlakani behhashi bezinto. Ihhashi belizokwazi kangcono. Manje, lelo yiqiniso. Manje, wena zama nje ukuvumela ihhashi lesilisa ukuthi lizame ukuhlukumeza insikazi, bese uthola ukuthi kwenzekani. Ihhashi linomqondo ongcono. Niyabo? Futhi umuntu akanamqondo ofana nowehhashi, uma kukhulunywa ngokuphila okuningi.

159 Futhi sibiza ingulube yensikazi endala, siyibiza ngokuthi yingulube yensikazi, nenja endala yensikazi, ngevabakazi. Futhi abaningi balaba besifazane ababukeka benobuso obuhle ngalapha kumaphansi, emehlweni kaNkulunkulu, izikhathi eziphindwe kazigidi eziyishumi, kunenja endala eyivabakazi noma ingulube yensikazi. Kunjalo impela!

160 Lokho kuzwakala kungubuluhlaza, yingakho abantu bengaKuthandi. Yilapho-ke uJesu ebatshela khona iQiniso, baMfulathela. Kodwa ihora selifikile, futhi manje sekuyilo, ukuthi uBaba ufuna okuthize okuMkhonzayo ngoMoya, futhi ahambe ngoMoya, futhi aphile ngoMoya, futhi akhulume iQiniso.

161 Iqiniso njalo, kuphakathi kokuthi liyakhulula, noma liyabopha. Uma uboshiwe, ngakho-ke awukhululekile. Uma ukhululekile, ngeke uphile ngaleyondlela.

162 Wena uthi, "Awu, nginoMoya oNgcwele," futhi usaphila ngendlela efanayo oyiphilayo na? Kukhona okwenzekile kuwe. Awukaze ube nawo uMoya oNgcwele owafika ngoSuku lwePentekoste; Ukwenza wehluke.

163 "Angikholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Angikholelwa ekuphulukisweni ngokukaNkulunkulu. Angikholelwa kulezi zinto." Khona-ke awukaze uthole uMoya oNgcwele owawa ePhentekoste. Ngokuqinisekile awuzange!

164 Wabhaphathizwa kanjani na? "Ngibhaphathiziwe!" Kanjani, egameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele na? Akumangalisi uziphatha ngendlela oziphatha ngayo! Niyabo?

165 UPawulu wathi, "Senamamukela uMoya oNgcwele selokhu nakholwa na?"

166 Bathi, "Sesivele sikholiwe. SingamaBaptisti." IZenzo 19, bonani uma kungenjalo. "SingamaBaptisti! Sabhaphathizelwa kuJohane," yena—wathi, "indoda efanayo eyabhaphathiza uJesu."

167 Wathi, "Lokho ngeke kusebenze." Wathi, "Nifanele nize nibhaphathizwe futhi, uma nike nifune ukuthola uMoya oNgcwele." Ungahle uthole okuthile okubukeka njengaWo, okuthile okuzifanisa naWo, kancanyana; kodwa akuyona iNto yangempela, ngoba, ufanele uze futhi ubhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Futhi ngenkathi sebenze lokho, wabeka izandla phezu kwabo, bese *kuthi-ke* uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo. Babecabanga ukuthi babenaWo.

168 Futhi ngifuna ukwazi, lowo mfowethu lapha osebandleni, noma ngabe bekukuphi, washo ukuthi isiGreki sokuqala asishongo; "wena wamukela uMoya oNgcwele *lapho* ukholwa," isiGreki sisho lokho. Ngifuna nazi ukuthi lokho akulungile. Yiphutha lelo; hhayi ngisho isiGreki, hhayi isiHeberu, noma hhayi ngisho isi-Aramu. Kwathi, "Senamamukela uMoya oNgcwele *selokhu* nakholwa na?" Hhayi, *lapho* nikholwa. Ngakho-ke noma ngubani osho lokho, awazi nje ukuthi ukhuluma ngani, mfowethu. Niyabo? Qhabo, mnumzanee. Wamukela uMoya oNgcwele "emva" kokuba usukholiwe, hhayi *lapho* ukholwa.

169 UMoya oNgcwele uyisipho sikaNkulunkulu, esiza phezu kwakho, esikuguqulayo futhi sikwenze wehluke ngokuphelele kunalokho izwe eliyikho nokuthi abanye abantu bayini. Wehlukile! Bona . . . Awudingi ukugqoka okwehlukile, awudingi ukugqoka ukhololo oyindilinga nengubo ende. Uphila ngokwehlukile. Wenza ngokwehlukile. AMandla kaNkulunkulu anawe. Abantu bayazi, umakiwe nomaphi lapho uya khona. Kulungile. UNkulunkulu uyamazi owaKhe. Uphawula ngomaka owaKhe. Yilokho-ke. Kodwa ufanele uze eQinisweni. Niyabo.

170 Kwayini ekulowo Samsoni na? Ojaha owesifazane na? Impela. Wayengozaziyo, engalaleli uyise nonina. Bamtshela ukuba angehleli lapho nalowo wesifazane, lowoJezebeli, kodwa akabalalelanga. Kwakuyini na? USamsoni wayenamandla. Manje lalelani. USamsoni wayezimisele ukuhambisa amandla akhe. USamsoni wanikela ngamandla akhe kuNkulunkulu, kepha wanikela inhliziyo yakhe kuDelila.

171 Futhi kukanjalo nanamhlanje. Manje, amadoda amaningi azoya ekolishi futhi afunde, o, isiqhwaga esinobuhlakani, sifunde sonke isiGreki nakho konke okunye; kodwa, uma sekuziwa eQinisweni, uzonikela ngamandla akhe emfundweni yakhe eNkosini, yebo, kepha inhliziyo yakhe uyinikela

ebandleni, futhi hhayi uNkulunkulu. Yilokho okuyinkinga ngabantu namhlanje, bafuna ukulandela izivumokholo zabo.

172 Abafuni iqiniso likaMoya oNgcwele. Abafuni ukuziphatha ngokwehlukile kunalokho abahlale bekwenza. Kepha lapho uba ngumKristu, ungumuntu oyinqaba, ubupristi basebukhosini, isizwe esingajwayelekile, abantu abaxakile, benze izinto eziyinqaba nezinto ezingajwayelekile, ezingalifanele izwe. Futhi uma usezweni, awufanelekile kuNkulunkulu. Okunye kuphambene ngapha nangapha kokunye. Okunye kwenza uziphathe njengoba benza eZulwini, okunye kwenza njengoba benza emhlabeni.

173 Futhi abantu bafuna uziphatha njengoba benza emhlabeni, bese-ke beqhubeka bese bethi baya eZulwini, kodwa yeka lokho kudumazeka okuzoba yikho. UJesu wathi, "Kuyakuba nabaningi abeza kiMi, ngalolosuku. Bayoma ngamashumi ezigidi, bese bethi, 'Bengingowa*lokhu*, futhi ngikwenzile *lokhu*.'" Wathi, "Sukani kiMi, nina benzi bokubi. Nikhonza izivumokholo."

174 Uma ubuholwa nguMoya! Onke amadodana namadodakazi kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu. Bahamba ngoMoya, abayinqaba, abangajwayelekile. Bahlala kahle, futhi zonke izenzo ziseBhayibhelini. Bahlala, yonke imfundiso yabo ihlala ngqo neBhayibheli. Ngeke behluke entweni eyodwa. Lapho iBhayibheli likusho, bayoqhubekela phambili ngqo kulo. Uma bema umzuzu, bazama ukutadisha futhi babone ukuthi iyiphi indlela yokwenza; bese-ke uMoya oNgcwele uyakwembula, futhi uqhubekela phambili ngqo. Futhi wenza into efanayo, ulandela imithetho efanayo, ubeka isisekelo esifanayo, uNkulunkulu ofanayo uza phezu kwakhe, nezimangaliso ezifanayo, kanye nezimanga ezifanayo, nezibonakaliso ezifanayo ziyamlandela, lezo ezaMlandela.

175 Wathi, "Uma ningeke nikholwe yiMi, ngokuba nguMuntu, kholwani yimisebenzi eNgiyenzayo. Kholwani yiMi. Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa." Niyabo, kukhona imisebenzi ehambisana nalokhu kukholwa. "Ngikhombise imisebenzi yakho (ngokwakho) ngaphandle kokholo lwakho, nami ngizokukhombisa imisebenzi yami ngokukholwa kwami," kusho uPawulu. Niyabo?

176 Manje, kwakuyini eyayikuSamsoni na? Wayengeke anikele ngenhliziyo yakhe.

177 Namuhla, abantu bacabanga kakhulu ngezivumokholo zabo kunabo. . .nabantu bacabanga kakhulu ngezivumokholo zabo. Awu, manje, angisho lutho olumelene namabandla.

178 Ngikhuluma ngepentekoste! Okungukuthi, leli bandla lincike ngasepentekoste. Akuyona inhlangano yePentecostal. Asibona abanoma iyiphi inhlangano, asizimisele neze.

SingabakaKristu. Kunjalo. Manje-ke, manje, iPentekoste akuyona inhlangano. IPentekoste yisehlakalo abantu abasemukelayo. AmaMethodisti aLemukela. AmaKatolika aLemukela. AmaBaptisti aLemukela. Noma ngubani angaLemukela, kodwa yisehlakalo.

179 Futhi kunezinkulungwane nezinkulungwane, abazibiza ngokuthi, “ipentekoste,” abazi ngisho nokuthi uyini umyalezo wokuqala wepentekoste. Ngaphambi kokuthi uqale kahle, kufanele ungene esisekelweni esifanele. Ufanele ungene esisekelweni sepentekoste. Siyini isisekelo sepentekoste na?

180 Ngenkathi ukugcotshwa kweBandla kwakunikeziwe ngoSuku lwePentekoste, ngenkathi bebabona bekhuluma ngezilimi, nentombi uMariya phandle lapho eziphathisa okomuntu odakiwe, futhi bonke abanye babo bediyazela ngapha nangapha kanjalo, bathi, “Ini? Yini lokhu na? Ingabe bonke laba badakiwe na?”

181 UPetru wathi, “Laba kabadakiwe, njengoba nicabanga, lokhu kuyihora lesithathu losuku. Lokhu yilokho okwakhulunywa ngakho ku . . . eplanini, emuva lapho ebalazweni lomgwaqo. Lokhu yilokho okwashiwo ibalazwe lomgwaqo. UJoweli wathi sizofika kulendawo, sizofika kulomgamanxo, ‘Kuzokwenzeka ngezinsuku zokugcina, izinsuku ezimbili zokugcina, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokugcina, kusho uNkulunkulu, Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama. Amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha, naphezu kwezincekukazi zami nezincekukazi eziyizisebenzi, izinsizwa zenu ziyakubona imibono, nabadala benu baphuphe amaphupho; Ngizokhombisa izimanga nezibonakaliso emazulwini phezulu, nezinto ezinjalo.’”

Bathi, “Yini esingayenza ukuthola Lokhu?”

182 Uzobeka isisekelo esinjani, Petru na? Unezihluthulelo zaseZulwini. Wathi, “Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwamukela uMoya oNgcwele ofanayo. Isithembiso ngesesizukulwane sonke esizolandela kamuva, kubantwana benu, nakubo abakude kakhulu, nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Naso isisekelo.

183 Niyabo, ba—bazofika futhi banikele ngokwa—kwabo . . . Bazoya e . . . Bazofunda esikoleni. Abafana bazoya esikoleni, ukuyofundela ukuba ngumfundisi. Okungukuthi kulungile, akukho okumelene nalokho, ukufunda ukuba ngumfundisi; kodwa, awukwazi ukufunda ukuba mfundisi, isiphiwo somfundisi siyisipho esivela kuNkulunkulu. Labo baphostoli babehlakaniphile futhi befunde kakhulu ngangokunokwenzeka, uJesu wayesalokhu . . . Yena . . . Babengenjalo. Kodwa noma kunjalo Akazange abavumele bashumayele baze bamukele

uMoya oNgcwele. Futhi lapho sebethole uMoya oNgcwele. . . Manje, uma uya ekolishi, nolwazi abaluthola ngePentekoste luza kuwe, amen. Kodwa uma uphuma nje ngemiqondo yobuhlakani futhi, o, umpetha wesiGreki nompetha wobuciko, nazo zonke lezi zinto ezehlukene, i—iZiqu zoBuciko, nazo zonke lezi ezinye izinto. Uma uphuma nalezo ziqu, unikela ngamandla akho emfundo yakho. Ufuna ukunikela inhliziyo yakho kuNkulunkulu. UNkulunkulu ufuna inhliziyo yakho. Yebo, mnumzane. Upha amandla akhe, hhayi inhliziyo yakhe. Yebo, mnumzane.

UNkulunkulu angasebenzisa lokho esikunikeza Yena kuphela.

184 Manje kubaningi benu abazothi, "Ngizonikeza imizuzu eyishumi nanhlanu ngeSonto ekuseni uma i. . . Uma nishumayela isikhathi eside kunaleso, ngizovele nje, ngivuke bese ngiya ekhaya." Awu, ninemizuzu eyishumi nanhlanu ngeSonto ekuseni. Mmm! Yilokho okunika kuNkulunkulu. Abanye babo bathi, "Mhlawumbe ngingahlupheka ingxenye yehora. Angazi ukuthi ngingakwenza kanjani." Awu, niyabo, yilokho okutholayo, imizuzu eyishumi nanhlanu, isigamu sehora. Niyabo?

185 Yini onganikezela ngayo na? UNkulunkulu uzokwamukela ozonikezela ngakho, kepha uNkulunkulu unfuna wena wonke. Ufuna konke okuncinyane kwenu. Ufuna konke. Ufuna konke oyikho. Ufuna impilo yakho. Ufuna ubufakazi bakho. Ufuna yonke imizuzu oyiphilayo. Ufuna uphile kahle, uziphathe kahle, ukhulume kahle, wenze kahle. Ufuna yonke into izinikele kuYe ngokuphelele, ukuze Akuhole futhi akuqondise, futhi akubeke ezindaweni lapho Afisa uye khona. Uholwa nguMoya!

186 Kodwa abantu namuhla bathi, "Ake ume umzuzu nje, uma umelusi wami eshumayela ngaphezu kwemizuzu engamashumi amabili!"

187 Ngikuzwile lokho izikhathi eziningi. Ngibonile abelusi abahle befulathela amabandla, ngoba ibhodi labadikoni lathi, "Manje bheka lapha, mfundisi ohloniphekile, sikuqashe ukuba uze lapha. Futhi asikaze sikuqashe ukuba uze lapha futhi uzosiqhumisa konke ukusa. Sifuna wena, si—sibeke isikhathi semizuzu engamashumi amabili; insimbi iyakhala, futhi kungcono uqede!"

188 Niyazi, ngi—ngi—ngingathanda ukuba nebandla elinjengalelo kanye. Ngingathanda ukuba nenhlanhla yokubatshela engikucabangayo ngabo nokuthi iZwi lithini ngabo. Ya. Kungani, uma kuthathe usuku lonke, qhubeka nje ushumayela. Ya. UNkulunkulu ufuna ukuzinikela ngokuphelele. Uyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UNkulunkulu ufuna ukuzinikela.

UNkulunkulu angakukhombisa kanjani amaqiniso ngaphambi kokuba uzinikele kuYe na? Ufanele uzinikele. Lalela.

189 Lapho unikela konke! Ucula lelo culo, *"Ngiyanikela, nginikela konke."* Kuthiwani ngalabo sikilidi na? Kuthiwani ngalokho kugqoka na? Kuthiwani ngalolo laka na? Kuthiwani ngezinye izinto ezihambisana nakho na? Kuthiwani ngalesosimilo esincane onaso na? Kuthiwani ngalowo mbono omncane oqothukile na? Kuthiwani ngalokhu ukusola noma ngubani obhaphathiza eGameni likaJesu na?

190 Lapho, awunandawo eBhayibhelini lapho noma ubani ake abhaphathizwa ngenye indlela. Ngiphonsela inselele noma ngubani ukuthi angikhombise lapho noma yimuphi umuntu, noma ngasiphi isikhathi ngaphandle kwebandla eliKatolika ngenkathi beqala eminyakeni engamakhulu amathathu emva kokufa komphostoli wokugcina, lapho noma ngubani owake wasebenzisa igama "uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele" ekubhaphathizeni. Woza uzongikhombisa umBhalo noma umlando. Kuyisivumokholo seKatolika! Akusilo iProtestani. Manje, ngingakukhombisa eBhayibhelini lapho iBhayibheli libikezela ukuthi bazosebenzisa iGama laKhe kuze kube yileso sikhathi, futhi baphume negama lamanga ukuthi "bayaphila," futhi—futhi bafile. Ngingakukhombisa lokho ngomBhalo. IBhayibheli lathi bayokwenza.

191 Lapha Kulethwa ngqo ebusweni babo, kungani abantu bengeke bakuKuthatha na? Ncamashi nje njengoba benza ngezinsuku zikaJesu. Abawafuni amaqiniso. Bafuna isivumokholo. Bafuna okuthize, badlule, bathi, "Ngingowa*le*ndawo. Ngingowa*lo*mbuthano. Ngingowakhona!" Ini?

192 Ufuna ukuba ngowaseZulwini! Yilapho uthando lwakho lufanele ukuba khona, ezintweni zaphezulu. UJesu wathi, "Bekani uthando lwenu ezintweni zaphezulu, hhayi ezintweni zomhlaba. Zizohluleka." Hlala noNkulunkulu. Hlala namaqiniso. UNkulunkulu unguNkulunkulu weqiniso. Ubelokhu enjalo, kuyo yonke iminyaka. Noma ngasiphi isikhathi lapho umuntu ake ahamba noNkulunkulu, uNkulunkulu uba iqiniso elenza izibonakaliso nezimanga nezimangaliso nabantu baKhe. Kuyinjongo kaNkulunkulu ukwenza njalo. Nikela konke.

193 Khona lapha eLouisville, eKentucky, kungekudala, bekunomndeni omuhle kakhulu wabantu. Babenengane egulayo. Ngabizwa ukuthi ngiyikhulekele. Udokotela waphuma esibhedlela. "Futhi kuthiwani ngengane na?"

194 Wathi, "Leyongane iyafa. Akukho okunye okungenziwa ngakho." Wathi, "Inesifo sokushodelwa yigazi." Wathi, "Ingane ifanele ife."

195 Ngacabanga, "O Nkulunkulu, Awukasho lokho okwamanje. Awukaze ukufakazise lokho." Ngahamba sakhuluma nabazali, nabazali babekhala bechiphiza izinyembezi. Ingane yabo—yabo—yabo yayingasekho, ngokwazi kwabo. Kodwa benzani na?

196 Udokotela wayeqinisile. Yena, konke ayekwazi ukukwenza, wayekwenzile. Isifo sokushodelwa yigazi singumbulali, futhi akukho okungasivimba. Wathi, "Ingane izokufa."

197 Umkhulu omdala waleyo ngane. Nonke niyalwazi udaba. Futhi kwafika umkhulu omdala waleyo ngane. Ngenkathi ezwa ngikhuluma ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, wathi, "Ngangivame ukukhumbula eminyakeni eseyadlule, ngenkathi umshumayeli omdala wathi kuzofika isikhathi lapho abantu bezokwamukela khona uMoya oNgcwele futhi, futhi kuzokwenziwa izibonakaliso nezimanga." Wasuka phakathi egumbini elincane kuye uqobo. Wayengeke esahlala nendodana yakhe noma umalokazana wakhe. Wahlala phakathi lapho, wakhala futhi ekhuleka. Lapho umfo omdala ehamba ephuma lapho, umjuluko ulenga esiphongweni sakhe esinempandla, amehlo akhe ecwebezela. Wathi, "Leyongane izophila."

Wathi, "Ini?"

198 Wathi, "Dokotela, ngiyakuhlonipha njenge—njengendoda yesayensi. Ngiyakuhlonipha kanye nobuhlakani bakho obufunde ngocwaningo lwezokwelapha. Kodwa," wathi, "Ngakhuleka futhi ngakhuleka, futhi ngakhuleka ngaze nganikela ngakho konke engangifanele ngikunikele, futhi uMoya oNgcwele wathi, 'Ingane izophila.'" Kwenzeka. Ngani na? Wanikela ngakho konke ayenakho.

199 UNkulunkulu wambamba futhi wayengakwazi ukukhuluma naye, lapho wayezimisele ukunikela ngakho konke. Yilokho esishoda ngakho. Awufuni ukunikela ngezindlela zakho. Awufuni ukunikela ngezinhlangano zakho zenhlaliswano. Awufuni ukunikela ngokuxhumana okuncane ongowakho. Awufuni ukunikela nganoma isiphi isikhathi, ufanele wenze *lokhu, lokho,* noma *okunye*, esikhundleni sokukhuleka. Awufuni ukunikela ngezinto kuNkulunkulu. UNkulunkulu ufuna uzinikele! Ukuvala, ngifuna ukusho lokhu. Kuningi kakhulu lapha engingathanda ukukusho, kepha anginaso isikhathi. UNkulunkulu ufuna ukuzinikela ngokuphelele. Uma unikela ngakho konke, khona-ke uzothola ukuthi engikhuluma ngakho kuyiQiniso.

200 Futhi wena uthi, "Bayongikhipha ebandleni lami. Babengengivumele ngishumayele." Kwenza mehluko muni lokho na? Leyo yinhlangano yesayense. Lokhu esikhuluma ngakho, ukuhamba ngoMoya. UNkulunkulu uliqiniso.

201 Ukube uMose wayezothi, "Manje lindani. Ngifundile kubo bonke ubungqongqoshe balokhu, abemilingo, kanjalonjalo, eGibhithe. Ngingawafundisa amaGibhithe amanye—amanye—

amanye amaqhinga. Ngingabafundisa isayense ephathelene nengqondo. Ngingabafundisa izimiso zokuziphatha ze—zezinto eziningi. Ngingumpetha wakho"? Kodwa wayefanele akhohlwe yikho konke ake wakwazi. Futhi uNkulunkulu waklebhula konke nje kuye; kwaMthatha iminyaka engamashumi amane ukukwenza. Kepha ngenkathi ehlangana noNkulunkulu, ubuso nobuso, wazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ophilayo. WaMbona esihlahleni esivuthayo, futhi wakhuluma naYe. Wehla futhi wenza umsebenzi eyedwa, kwakungafanele abe nebutho. Wehla, naye noNkulunkulu. Ulandele ibalazwe lomgwaqo. Wayenamandla kaNkulunkulu. Wayenesithembiso sikaNkulunkulu. WayenoMoya kaNkulunkulu. Wayengadingi izimiso zakhe zokuziphatha noma imfundo yakhe.

202 Ngenkathi uJesu wayelapha emhlabeni, Wayemele azingele, futhi, ukuze athole umuntu. Waya kwabaqotho, abafundile kanye nabayizihlakani, ngabe kukhona umuntu Angamthola na? Qhabo, mnumzane. BaMbiza ngo, "Belzebule, udeveli." Akatholanga noyedwa owayezoMlandela. Wenzani na? Kwakufanele Athathe okungcono kunakho konke ayengakuthola. Akudabukisa lokho na?

203 Bengivame ukukucabanga lokhu. Futhi siyavala, bandla, lalelani lokhu kuphawula. Bengivame ukukucabanga ukuthini, ini, ngani, ukuthi siziphuce ilungelo kanjani, ukuthi simphange kanjani uNkulunkulu icebo laKhe, ngokungenzi, ukunikela izimpilo zethu ngokuphelele kuYe, konke esinakho, kuYe. Ukuthi siye—siye sangaluvuma kanjani uhlelo lwaKhe—lwaKhe. Ukuthi siye salibala kanjani, futhi siMenze ukuba alinde futhi alinde, futhi alinde, ezama ukuthola umuntu Abengasebenza ngaye, ezama ukuthola umuntu ndawo ndawo Abengabeka ithemba kuye, umuntu othile obenganikela ngayo yonke into.

204 Eze ngendlela ehluzekile, enengqondo kuNkulunkulu, uthi, "Baba, nangu mina. Angikhathali, ngizolandela umBhalo, iplani. Angikhathali ukuthi omunye umuntu uthini, ngizohlala naLo," futhi ngikusho ngempela. "Angikhathali ukuthi kungibizani, Nkosi. Angiyilutho, okokuqala nje, kodwa ngifuna Wena ungihole. Futhi makuthi uMoya oNgcwele, owaloba leliBhayibheli, futhi wenza lezi zithembiso, akuqinisekise futhi empilweni yami. Ngizizwela ukuthi Wena ungihola ngaleyondlela."

205 "Nangu mina, ngithume mina," kusho u-Isaya ethempelini, ngesikhathi ebona amaKherubi emboze ngamaphiko ebusweni bawo, phezu kwezinyawo zawo, futhi endiza ngamaphiko. Futhi Wathola ilahle lomlilo futhi wahlanza umlomo wakhe, kwase kuthi-ke uMoya kaNkulunkulu wehlela kuye. Kungani singenakukwazi na? UNkulunkulu akakwazi ukuthola umuntu onjalo.

206 Ngenkathi Ezingela abafundi baKhe, "Weza kwabaKhe, abaKhe kabaMamukelanga." Akatholanga muntu. Babelindele loWo.

207 Namuhla izwe lilinde ukuphulukiswa kukaNkulunkulu. Kodwa angikhathali ukuthi ukuphulukisa kukaNkulunkulu okungakanani e—enikwenzayo, nokho ngeke bakukholwe.

208 Awu, ngemuva nje kokuba sebale uJesu, ngenkathi abangamashumi ayisikhombisa behamba, Waze waphendukela kulabo bafundi, wathi, "Niyafuna ukuhamba, nani?"

209 Bathi, "Besizoya kuphi na?" UPetru, wathi, "UnamaZwi okuPhila okuPhakade." Niyabo?

210 Wayesephuma-ke waqonda ngqo, futhi kwakukhona indoda eyayingenazo ngisho nezinhlamvu zamehlo ezingoxeni zayo. Futhi Wenza ubumba, wase egcoba amehlo ayo, wathi kuye, "Hamba uyogeza echibini iSilowama." Futhi, lapho esekwenzile, wabuya ebona.

211 Ngabe lokho kwabaguqula na? Ngabe ukuthandwa kwaKhe ngabantu kwanyuka na? Qhabo. Kwehla, kwehla, kwehla. Ngani na? Wahlala endleleni. Wahlala ebalazweni lomgwaqo.

212 Kuyafana nanamuhla. Babona izibonakaliso, izimanga, izimangaliso, nakho konke okwenziwayo, futhi bathi, "A, lokho, akukho lutho kulokho. Bekuzokwenzeka, empeleni." Niyabo?

213 Bavusa uLazaru ethuneni, kubukeka sengathi lokho bekuzonyakazisa isizwe sonke. IBhayibheli lathi Wayezokwenza. Lezo kwakuyizibonakaliso ezazizolandela. Ngenkathi Ema, kowesifazane waseSamariya lapha, wayesethi, "Unamadoda ayisihlanu." Lokho kwakufanele kuzamazamise umhlaba wonke.

214 Futhi Umi namuhla kubantu baKhe, futhi niyaKubona, isikhathi ngesikhathi, enza into efanayo. Futhi bathi, "A! E-hhe. Awu, ngicabanga ukuthi bekulungile lokho." Niyabo, nje engenandaba, akukho ukuzinikela. O, bazobeka isikhashana, baye esontweni kanye ngesikhashana, nento efana naleyo. Kepha uma sekuza ekuzinikeleni, qhabo, ngeke bakwenze, ngeke bazinikele. AbaWufuni.

215 Ngenkathi uJesu ebiza abafundi baKhe, kwakumele Enzeni na? Thola uhlobo olungafundile, amadoda, abantu abangakwazanga ngisho nokusayina amagama abo uqobo. "UPetru, uJohane," kwasho iBhayibheli, "babengazi futhi bengafundile." Yilowo Okwakufanele amthole.

216 Kodwa uma isihlakani singeke, bebengeke baMuzwe khona-ke, ngeke baMuzwe manje. Banenkambo yabo uqobo. Basendleleni yabo uqobo. Futhi ba—balandela lowo mgwaqo ngoba bafundiswe ngaleyondlela, ngoba omelusi babo, ababhishobhi babo—babo, kanye nokhadinali babo no—nopapa, nokunye, babakhomba kulowo mgwaqo.

217 Kodwa uMoya oNgcwele uzokubuyisela ePentekoste, ngaso sonke isikhathi. Bekwenza emBhalweni, kubo bonke abantu, futhi kuzokwenza ngalolusuku, kubo bonke abantu. Uzokubuyisela kulelo qiniso. Uzokubuyisela emuva embhaphathizweni waMandla nokaMoya, okuzohola futhi awusoze wasusa iZwi elilodwa eBhayibhelini. Liyohlala khona eBhayibhelini. Lapho Lisho khona *lokhu*, Lizolandela ngqo liqhubeke naWo. UMoya oNgcwele uzokwenza. Kuletha iqiniso.

218 Wenzeni Yena na? Wayefanele athole laba badobi abangazi lutho, babengenazo ngisho izingubo; into ethize nje abazisonge ngayo, amaphinifa okudoba, kanjalonjalo, kungekho mpahla zokugqoka. Bengazi kakhulu, abakwazanga ukusayina amagama abo; abangafundile, akukho mfundo. Kodwa Wathola umuntu othile. Kwakumele athole umuntu othile. Kodwa Wathola amadoda kulolo hlobo lwesimo, ayezimisele ukuzinikela, ayezimisele. Babengenakho okunye ababengakubamba. Babengenawo amasonto, noma yimaphi amahlelo nanoma yini. Babengabadobi nje abangazi lutho, abelusi bezimvu; bengazi ukuthi kubhalwa kanjani, bengazi ukuthi kufundwa kanjani, futhi bengazi lutho. Kodwa babengenalutho abangalahlekelwa yilo, futhi Wafika kubo futhi bakunikela. Bathi, "Noma yini Oyishoyo, Nkosi, sizoyenza. Sizokulandela."

219 Kepha ngenkathi bezinikela ngokuphelele futhi bazinikela kuNkulunkulu, uNkulunkulu wabanikeza iqiniso lephentekoste. Wabaholela ePentekoste, wase ebanika uMoya oNgcwele. Lapho, lapho ababekhona, lapho, phansi koMoya kaNkulunkulu, benza lonke uhlobo lwezibonakaliso zobuwula kubantu, bengingiza futhi bengingiza, futhi beqhubeka, futhi bezama uku... IBhayibheli lasho. Yini ebabekuyo na? Babesemgwaqweni omkhulu.

220 IBhayibheli lathi, "Ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi ngizokhuluma kulaba bantu, futhi lokhu kungukuPhumula, komphefumulo. Lokhu yinto ezokwenzeka." U-Isaya 28:18, nimfunde. "Ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi Ngizokhuluma kulaba bantu. Lokhu ukuPhumula." Hhayi iSonto; akulona usuku lokuPhumula. UMoya oNgcwele uSuku lokuphumula. Nina bazalwane be-Advent; hhayi usuku lwesikhombisa isabatha usuku lokuPhumula. UMoya oNgcwele ungukuphumula! "Ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi Ngizokhuluma kulaba bantu. Futhi leli yiSabatha. Yilo leli!" I*Sabatha* lisho "Ukuphumula." Lokhu ukuPhumula, emphefumulweni, unokuPhumula okuPhakade.

221 NjengoNkulunkulu, ngenkathi Enza umhlaba. Usuku lwesikhombisa, Waphumula emva kwalelo. Waphumula, Waqhubeka waphumula.

222 Uma singena kuNkulunkulu, siphumula sonke isikhathi; hhayi kusuka ngeSonto elilodwa kuya kwelinye. Siyaphumula, Phakade. SinokuPhila okuPhakade. UMoya oNgcwele ukunika ukuPhumula.

223 Manje, babenesehlakalo sepentekoste, iqiniso likaNkulunkulu. Babethole okuthile.

224 Ake ngisho into eyodwa futhi. Izivumokholo azanelisi inhliziyo elambile. Izivumokho ngeke zanelise. Uma umuntu elambele uNkulunkulu, umtshele, uthi, "Yisho iSivumokholo sabaPhostoli, ujoyine ibandla, ufake igama lakho *lapha*, ufafazwe noma ucwiliswe," noma yini ofuna ukuyenza, lokho akusoze kwanelisa umphefumulo olambile. Isizathu, babemiselwe ngaphambili, nguNkulunkulu, ukufuna ukuPhila. Zake zabakhona izingelosi, kwake kwaba khona ingelosi engawanga. Okubili kokuthathu kwezingelosi zaseZulwini kwawa; leyo yimimoya emibi esebenza phakathi kwabantu, ikholwa kakhulu. Uyazi ukuthi iBhayibheli liyakusho lokho. Wawungekho lapha nje njalo. Wake waba kwenye indawo.

225 Khumbula, isono asiqalanga emhlabeni. Isono saqala eZulwini, ngenkathi uLusifa emthatha futhi emenza . . . Wathi, "Ngifuna ihlelo, ngenze into enkulu kakhulu," waya ezweni lasenyakatho wase emisa into enkulu kunaleyo uMikhayeli ayenayo. Futhi wakhahlelwa wakhishwa eZulwini.

226 Futhi lezo zingelozi emuva lapho, leyo mimoya. Awu, yingalesosizathu, "Lapho leli tabernakele lasemhlabeni liyodilizwa, sinalo elinye eselivele lilindile." Niyabo? Futhi yingalesosizathu, "Igama lethu lafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa komhlaba." "Konke uBaba aNgiphe khona, kuyoza kiMi."

227 Ungakwenza kanjani na? "Unamehlo, kepha awuboni; izindlebe, futhi kawuzwa." Akumangalisi, niyabo. Lapho, zonke lezi zinto, niyabo, uNkulunkulu azethembisa emuva lapho, kwakuyikho konke . . . Ngenkathi ngithi ngobunye ubusuku indoda . . .

228 Kwasho uJesu. Isilo esiza emhlabeni, umphikukristu, ekholwa kakhulu, "kusondele kakhulu ukuthi kungakhohlisa nabakhethiweyo uma kungenzeka." Enkulu, ukuthi inhlangano enkulu izoqala kanjani, futhi bazoba nezinye izinhlangano. Umama sifebekazi omdala; futhi wayenamadodakazi amancane, kwakuyizifebe ezaphumayo, izinhlangano. Wathi, "Futhi bayocishe badukise umhlaba wonke, futhi bayodukisa ngisho nabakhethiweyo impela uma bekungenzeka."

229 Kepha akunakwenzeka; amagama abo afakwa kwiWundlu. "Labo Abazi ngaphambili, Ubabizile; labo Ababizayo, Ubalungisisile; futhi labo Abalungisisile, Ubakhazimulisile." Ngakho-ke, akusekho okunye, niyabo. Kunjalo. Ungeze ngaphandle kokuthi uNkulunkulu akubize. "Akuyena

othandayo noma ogijimayo; nguNkulunkulu okhombisa umusa." Kunjalo impela. Yilokho umBhalo owathi kuyikho.

230 Bese kuthi-ke, abafuni ukukuzwa loKho. Ngani na? Basebumnyameni. Bafuna ukulandela isivumokholo. "Ngilunge njengawe." Akukho okushiwoyo ngobuhle. Akekho olungile. NguNkulunkulu olungile, niyabo. Kodwa ngabe uzimisele ukuzinikela kuYe na? Yilokho engikucabangayo. Ngabe ukulungele ukuzinikela na? Niyabo? Ngeke—ngeke kwanelise umphefumulo olambile. Lalelani.

231 Ngenkathi, uPawulu, bangaki owaziyo ukuthi wayengu—wayengusiyazi wezenkolo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kodwa wayeyisiqhwaga esinobuhlakani. Yena, impela, wafundiswa ngaphansi kukaGamaliyeli, esinye sezazi zezenkolo ezazizedlula zonke osukwini. Kodwa wathini lapho efika eBandleni na? Funda abaseKorinte besiBili 2:4, kwabaseKorinte besibili 2:4, wathi, "Angizanga kini ngamazwi ahehayo, ukuhlakanipha komuntu walomhlaba; ngokuba, uma bengikwenzile, ukuzethemba kwakho bekuzokwakhiwa ekuhlakanipheni komuntu, izinhlangano, amahlelo. Kepha ngize kuwe ngamandla kaMoya oNgcwele, imiboniso. Ukukhombisa ini? Ukukhombisa izibonakaliso nezimanga ngoMoya oNgcwele. Ngiza kuwe ukuthi. . .ukuthi owenu—ukuthi ukuzethemba kwenu, ukuthi ukukholwa kwenu, ngeke kuphumule phezu kobuhlakani behlelo elithile elikhulu lebandla elithile, kodwa kuzophumula phezu kwaMandla kaMoya oNgcwele nasekuvukeni kukaJesu Kristu." Isazi sezenkolo esikhulu kunazo zonke esake saphila, sathi kwakufanele sikhohlwe yikho konke esake sakwazi, ukuze sifumane uKristu. Futhi wathi, "Angishumayeli izinto zobuhlakani. Ngishumayela ubulula bokuholwa nguMoya oNgcwele. Futhi ngiza kini, ngishumayela loKho." Wathi, "Bengingashumayela ngenye indlela, kodwa" wathi "imisebenzi yami nemisebenzi yami—yami akusikho ukushumayela kanjalo."

232 "Manje, sizobona ukuthi ngeke yini sithole esinye isigidi ngo '34, '44," noma ngabe kuyini, iziqubulo zabo. "Sizoba namalungu *amaningi kangaka* azojoyina kulonyaka!"

233 Wathi, "Ngingakwenza lokho. Nganginakho lokho isikhathi eside, kepha ngasuka kukho. Ngiza kini, hhayi ngamazwi ayengayo namakhulu esazi esithile sezenkolo. Kepha ngiza kini ngaMandlla nokuzibonakaisa kukaMoya oNgcwele, ukuthi ukukholwa kwenu kuzokwakhiwa ngoMoya oNgcwele futhi hhayi ekuhlakanipheni kwamanye amadoda." O, he!

234 UNkulunkulu, ubheke amadoda anjalo. UNkulunkulu ubheke namuhla amadoda angabamba kanjalo.

235 Kungekudala, eLandani, eNgilandi; ukuthatha ukuhamba kancane. Futhi iNgilandi iyi, ziQhingi zaseBrithani, zimbozwe

kakhulu ngabantu! ENgilandi, ngeke uze uyithole indawo, nakancane, kodwa leyo enendlu kuyo, futhi baphakamisa okwabo . . . NjengaseJalimane, kanjalonjalo, bangamazwe amadala, nemihlabathi isigugile, futhi banengadi encane. EJalimane nasezindaweni ezinjalo, awutholi, egcekeni elingemuva, utshani obuthile obugundiwe kahle nenqwaba yezihlahla. Uthola utamatisi nobhontshisi namazambane, okuthile kokudla. Bafanele. Futhi imihlabathi ithathwa kakhulu kuze kuba . . .

236 Isosha elincane laseBrithani elalingizungezisa, sakhuphukela ngaleya kwegquma, mina noMfowethu Baxter, nalomfana. Sifika endaweni eyayiyindawana enhle. Kwakukhona izihlahla, notshani obuluhlaza, nakho konke. Ngacabanga, "Akuyona indawo enhle leyo!" Ngathi kulona waseBrithani, ngathi, "Mnumzane, ngi—ngingathanda ukukubuza umbuzo. Ngiyabona ukuthi isiqhingi sakho lapha simbozwe kakhulu. Kungani isikhala esikhulu lapha, samahekha amaningana, indawana enhle enezihlahla nesigodi, nakho konke okunjalo, kungani ungakushiya lokho, futhi akekho noyedwa oyoke akhe indlu lapha?"

237 Wathi, "Mfundisi ohloniphekile, ngi—ngifuna ukusho lokhu. Cishe eminyakeni engamakhulu amabili edlule, kwaba nobhubhane lomkhuhlane wamanzi amnyama, owaqubuka lapha eNgilandi." Futhi wathi, "Babengenawo umjovo othakwe nohluzi lwezilwane, futhi abantu bafa njengezimpukane." Wathi, "Izinqola, bayangitshela, zifika imini nobusuku. Abakwazanga ngisho nokubangcwaba. Abefundisi basesontweni babevele baphumele lapha, kanye ngesikhashana, aphakamise izandla zakhe bese ekhuleka, futhi abuyele emuva. Babaphosa bonke kulesi sigodi lapha. Abakwazanga ngisho nokubangcwaba." Wathi, "Bafa, futhi bafa, kwaze kwathi izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, zabantwana, asebekhulile, injejana nayo yonke into, bafa. Futhi bavele babakhiphela lapho, base-ke bebathatha nje futhi befafaza uthuli ngaphezulu kwabo lapho inhlupho isinqamukile."

238 Futhi wathi, "Uyazi uk'thini?" Wathi, "Kusukela ngalolosuku, kuze kube yilolu, iNgisi linesiqiniseko sokuthi ngeke litshale izisekelo zalo lapho into efana naleyo yayike yaba khona. Ngeke litshale isisekelo salo ezintweni ezifana . . . Alisoze labeka indlu yalo endaweni lapho ukufa kubekwe kanjalo." Ngama lapho kancanyana, ngase ngicabanga. Akunasidingo sokumtshela, wayengeke akuqonde.

239 Kodwa kanjani, emhlabeni, ukuthi umuntu uzobhekana ngobuqotho kangako, kuze kuthi, uma imfiva emnyama, eminyakeni engamakhulu amabili edlule, yalala kuleyonhlabathi, kodwa wena usola kakhulu, futhi ukhathazeke kakhulu ngokuthi uzophila isikhathi esidanyana, futhi ungahle uthathe imfiva emnyama uma uke wagxumeka

indlu yakho lapho, khona-ke uzogxumeka indawo yakho yaPhakade phezu kwesivumokholo esithile esenziwe ngumuntu owafa emakhulwini eminyaka eyedlule, phezu kwesayense yezenkolo ethile, isayense yezenkolo yebandla elithile ebilokhu ibekwe eshalofini iminyaka eyikhulu, lutho nhlobo, hhayi ukunyakaza kukaNkulunkulu kukho, nakho konke okunye, futhi uzonamathelisa igama lakho nesivumokholo, nayo yonke into, khona lapho, futhi uqhubeke uphile. Lalela, mngani, ungakwenzi lokho.

240 "Phezu kwaleli dwala Ngizolakha iBandla laMi, namasango esihogo angeLinqobe. Imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza. Bhekani, Nginani, nakini, njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe; UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade."

241 UNkulunkulu unguNkulunkulu weqiniso. Ungasithathi nje isivumokholo. Ungathathi nje amadlingozi. Thatha iqiniso! Thatha uNkulunkulu wangempela, into ethile uNkulunkulu ayiyo, uNkulunkulu weqiniso. Lokho kukunikeza isiqiniseko. Kukunika ithemba. Kukunika ukukholwa. Kukunika uMoya. Kukunika izibonakaliso. Kukunika izimanga. Kwenza kuwe njengoba nje kwenza kuKristu. Ngoba, leyo kwakuyinjongo yaKhe yokuza, ukuletha uNkulunkulu kumuntu, futhi wenza uNkulunkulu nomuntu baba munye.

242 Kodwa sithathe amahlelo, sase siMxosha; sathatha izivumokholo, futhi saMxosha, futhi manje sidlula eceleni ngapha. Kepha kukhona umgwaqo omkhulu wangempela, futhi "nendlela" emgwaqeni omkhulu.

243 Manje kini bazalwane beNazarene, ngingathanda ukusho lokhu. Wena uthi, "Umgwaqo omkhulu omdala obusisiwe."

244 Kodwa kwakungewona umgwaqo omkhulu, uma uzoqaphela. Kwathi, "Kukhona umendo, ne," u-*ne* uyisihlanganisi, "nendlela." Futhi "indlela" isemgwaqweni omkhulu. Akubona bonke abasemgwaqweni omkhulu, abahambayo, kodwa bonke "osendleleni," ohambayo. Niyabo? "Kukhona umendo ne . . . " Funda u-Isaya 35, "Kukhona umendo, nendlela." Niyabo? Umgwaqo omkhulu unephakathi nendawo, umaphakathi nomgwaqo. Futhi imaphakathi nomgwaqo lilapho. Bese kuthi-ke lapho kufika imvula, igeza isuse wonke udoti uye ohlangothini.

245 Manje uma uzobheka, lapho umuntu ephenduka, ubhekisa, amehlo akhe aqonde ngqo kuKristu. Manje uma ungabheki, njengoba bengishumayela ngobunye ubusuku, njengase . . .

246 Ngenkathi kuzalwa uJakobe no-Esawu, bobabili bazalwa ngubaba ongcwele nomama ongcwele, kodwa babengamawele. Owokuqala, umuntu wenyama, okholwayo, wayeya esontweni futhi wayeyindoda elungile, elunge kakhulu. UJakobe wangomncane onamahloni , kodwa wayenomqondo wakhe

entweni eyodwa. Lobo buzibulo babusho yonke into kuye, kungakhathaleki ukuthi wayezobuthola kanjani. Ngoba, iBhayibheli lathi, "Wakhethwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukubheka kulokho."

247 Futhi namhlanje kunabantu, angikhathali ukuthi bafanele basebenzise ukuthandwa ngabantu okungakanani, bafanele balahlekelwe kangakanani, noma ukuthi yini okufanele bayenze, akwenzi mehluko kubo uma bebizwa ngemfashini endala, akunandaba lokho abayikho, babhekise amehlo abo kuKristu ngoba babekhethelwe ekuPhileni okuPhakade. Futhi batshala khona lapho kulokho. Uma kuthatha konke, uma kuthatha konke abanakho, batshala lapho.

248 Omunye uyindoda engaqavile. Uya esontweni futhi uzizwa elungile, njengabo bonke, uya ekhaya. Niyabo, leyo yimpilo ka-Esawu, niyabo. Futhi enye impilo kaJakobe. Manje nakho la nikhona, izinhlangothi zombili.

249 Gxumeka isisekelo sakho kuKristu Jesu! Qiniseka ukuthi sikuYe. Ungena kanjani kuYe na? Ngokuxhawulana, ngokufafaza, nganoma ini na? "NgaMoya Munye," kwabaseKorinte bokuQala 12, "sonke sabhaphathizelwa eMzimbeni munye, uMoya oNgcwele munye." Sabhaphathiselwa eMzimbeni owodwa, lapho iziphiwo eziyisishiyagalolunye zikamoya namahhovisi amane okomoya kulele kulowo Mzimba owodwa. Ngaphakathi lapho, uNkulunkulu ubeke eBandleni, abaphostoli, abaprofethi, kanjalonjalo, kuleli Bandla. Phakathi lapho kukhona iziphiwo zokuphulukisa, izimangaliso, ukukhuluma ngezilimi, ukuhlakanipha, ukwazi, kukhona izinto ukuthi (izibonakaliso) zilandela okholwayo.

250 Kungani ubungamukela . . . Kungani ubungamukela . . . Engingakuqondi, kungani abantu befuna ukuthola ukhula oludala lwezenkolo, lapho iDwala ligcwele uju. He, angikwazi nje ukukuqonda.

251 Asikhothamise amakhanda ethu. Ungathanda ukukhunjulwa emkhulekweni, uthi, "Nkulunkulu ngiphe isifiso senhliziyo yami. Ngiyayithanda iNkosi uJesu"?

252 Baba wethu waseZulwini, kwesinye isikhathi ngemuva kwenkonzo, ngiyazibuza. Kungani uMoya oNgcwele ulokhu ugqonqa njalo ebandleni na? Ukwenza kanjani na? Kepha, umuntu ogcotshwe ngoMoya akakwazi ukusho lokho afuna ukukusho, kufanele basho lokho uMoya othi kusho. Futhi sithola ukuthi eBhayibhelini eliDala, abashayi begolide, umshayi washaya igolide, futhi bashaya igolide, futhi wayeliphendula futhi alishaye kuze kuphume wonke amanyela kulo; futhi walishaya isikhathi eside kakhulu, waze wabona umfanekiso wakhe uqobo egolideni, khona-ke wayazi ukuthi lalocolekile. Ulishaya kanjalo-ke noMoya oNgcwele ibandla, aliphendule, futhi alisole nga*lokhu* futhi alisole nga*lokho*, aze Athole wonke

amanyela, kuze kube yilapho ukubonakaliswa kwangempela kukaJesu Kristu sekubonakala kubantu baKhe; ukuthi banokuPhila okufanayo, izibonakaliso ezifanayo, benza izimangaliso ezifanayo Azenza, ukubonakaliswa kukaMoya oNgcwele kubantu.

253 Nkulunkulu, thatha inhliziyo yami empofu. Ngishaye, ungiphendule, nganoma iyiphi indlela Othanda ngayo, Nkosi, kodwa ake ngibonakalise uJesu. Ake ngiMbonakalise, Nkosi. Vumela bonke abantu abalapha namuhla, Nkosi, sonke asiKubonakalise; Impilo yaKho enothando, ukuthobela kwaKho uBaba.

254 Sisanda kubatshela ukuthi Wawa ekuthandweni ngabantu kwaKho. Ngenkathi Uhambile ukuyophulukisa abagulayo, impela, Wawumkhulu, abantu beza ukuzoKubona. Kodwa kwakuyini na? Izinkwa nezinhlanzi. Futhi lapho Ubatshela iQiniso leZwi, babengazimisele ukuhamba kuLokho, khona-ke udumo lwaKho lwaqhubeka njalo nokwehla. Waqhubeka nokwenza izimangaliso, kodwa ukuthandwa kwaKho ngabantu kwehla.

255 UnguNkulunkulu weqiniso. Ubulokhu ungaleyo ndlela. Awuguquki. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi ibandla, nabo bonke abantu lapha abaphakamise izandla zabo, bazothola umbono walokho namhlanje. Mababone, Nkosi, ukuthi akusiyena umuntu. Uma silandela umuntu, khona-ke silusizi. Kodwa uma sizolandela nje uMoya oNgcwele, Uzosiholela kuzo zonke izethembiso zeBhayibheli. Sengathi konke kungagcwaliseka ezimpilweni zabantu lapha namhlanje.

256 Ngiphethe izingubo zezinganyana, amajakhethi amancane, amaduku, amaphasela, esandleni sami. Siyafundiswa, eBhayibhelini, ukuthi bathatha emzimbeni kaPawulu oNgcwele, amaduku namaphinifa; nemimoya engcolileyo yaphuma kubantu, nezifo zaphulukiswa. Abantu namuhla basabona uNkulunkulu ofanayo. Manje siyazi ukuthi asisiye uPawulu oNgcwele, kodwa Wena usenguJesu. Futhi kwakungeyena uPawulu oNgcwele; kwakuyimpilo enikeliwe kaPawulu oNgcwele kuJesu Kristu. "INkosi yenze izimangaliso ezikhethekile," hhayi uPawulu; iNkosi!

257 Manje, Baba Nkulunkulu, sikholwa ukuthi asazi into eyodwa, izikhathi eziningi sigxekwa; ukugeza izinyawo, ukubhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, ukwenqabela abashumayeli besifazane, ukukholelwa ekuvikelekeni okuPhakade komphefumulo, njengoba uPawulu afundisa. Watshela abase-Efesu, "Babemiselwe ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe, emadodaneni namadodakazi kaNkulunkulu." Watshela abaseKorinte ukuthi, ukuthi "uNkulunkulu wamzonda u-Esawu futhi uJakobe wamthanda, bengakazalwa ngisho, ngaphambi

kokuba babe nethuba lokwazi okulungile nokungalungile," ngoba ukumisela kwaKhe—kwaKhe ngaphambili. Ukwazi kwaKhe ngaphambili kwaMazisa. Futhi, Baba, kungani bexabana ngezinto ezinjengaleyo, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngezibonakaliso nezimanga njengoba Wethembisile, iBhayibheli lithi "Unguwe izolo, naphakade"? Baba, asiqondile ukwehluka. Kodwa si . . . uku . . . kuze sibe yizinceku zaKho, sifanele silandele iZwi laKho. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzovumela abantu babone ukuthi akusikho ukwehluka noma ukuzicabangela wena wedwa, noma uzame ukuba ngumuntu esingeyena. Sizama ukubamba iZwi laKho kuphela. Wonke umuntu makakubone lokho, Baba.

258 Futhi ngisathumela lezi zindwangu kwabagulayo, kwangathi ngamunye wabo angaphulukiswa, Nkosi. Kwangathi uMoya waKho oNgcwele ungakubona lokhu kukhonjiswa kokukholwa, futhi kwangathi bangahamba futhi baphulukiswe. Siphe khona, Nkosi.

259 Busisa uMfowethu Neville. Busisa ibandla, ndawonye. Busisa uSonto sikole, othisha. Busisa bonke abelusi abalapha. Busisa izivakashi emasangweni ethu.

260 Nkosi, ngisize. Ngifanele ngishayele ngejubane manje, ngibe ngaleya, ukuzama ukududuza umndeni ophukile enhliziyweni; amamayela ayikhulu namashumi amahlanu, noma ngaphezulu, ezansi ngaleya ezweni, isikhashana nje esincane ukukwenza. Yiba nami, Nkosi. Ngisize. Futhi kwangathi kulokhu . . . Soze, angikaze ngithande ukukhuluma ngomuntu osehambile ngize nginikeze labo, labo abame eduze kwami, ithuba lokwamukela Wena. Nkulunkulu, yipha ukuthi nje iningi lalabo bantu abampofu baseKentucky bazohamba ngokuzithoba baye kulelo altare kuleyontambama, kulelo bandla leMethodisti, futhi banikele izinhliziyo zabo kuWe. Siphe khona, Nkosi. Yiba nomusa manje.

261 Sibusise, ndawonye. Phulukisa abagulayo, futhi usindise abalahlekile. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

262 Ngizocela uMfowethu Neville ukuthi athathe inkonzo nje okwemizuzu embalwa manje, ukuthi aqhubeke, futhi angazi ukuthi uzokwenzeni ngalesisikhathi. Futhi nonke ningikhulekele, futhi ngizonibona kamuva. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Neville.

